# *UPhawu*

Ukufundwa kweZwi. Kwenkonzo yokuvala, isizathu sokuba nginicele ukuba nime... Uma beshaya elithi *The Star-Spangle Banner,* niyama. Animi na? [IBandla lithi, "Yebo."—umhl.] Manje-ke alimelwa ngani pho iZwi likaNkulunkulu na? Yinhlonipho. Manje ngale eNcwadini kaEksodusi, isahluko 12, siqale ngevesi 12, ngifisa ukufunda ingxenye yomBhalo, ivesi 12 nele 13.

> *Ngokuba ngiyakudabula izwe laseGibithe ngalobobusuku, ngibulale... amazibulo ezweni lase— laseGibithe, abantu nezinkomo; ngenze izahlulelo:... ngiyiNKOSI.*
>
> *Igazi liyakuba-luphawu lwenu* endlini *lapho nikhona; nanxa ngibona igazi, ngiyakudlula kini, ningehlelwa yisifo sokunibhubhisa, lapho ngibulala izwe laseGibithe.*

2 Indaba yami ithi: *UPhawu.*

3 Asikhothamise amakhanda ethu. Nasekuthuleni kwaKhecwaka kwalomzuzwana ongcwele, ngaphambi kokusondela kuYe ngomkhuleko, ngabe sikhona isicelo obungathanda ukuba uNkulunkulu asiphendule kulentambama na? Vele nje uphakamise izandla zakho uma unaso, futhi ucabange phansi enhliziyweni yakho ofuna Akwenzele khona. Noma yikuphi endlini, vele nje ucabange ukuthi ufuna Enzeni.

4 Baba wethu waseZulwini, Wena unguNkulunkulu ongaququleki, futhi sikhulekela ukuthi Uzophendula imikhuleko yethu, kulentambama, njengoba—njengoba sibambe izandla zethu. Futhi wena uyaqaphela ukuthi nezami izandla ziphakeme, nazo. Nesicelo sami, ngizosazisa obala, esingukuthi, Nkosi, ukuthi Uzophilisa wonke umuntu phakathi lapha namhlanje, usindise wonke olahlekileyo. Manje, Wena wathi, "Uma nicela kuBaba noma yini, eGameni laMi, Ngiyolwenza." Manje, Nkosi, sisize sisonke ukuba sikholwe njengabantu abamunye, babantwana abakholwayo. Khuluma ngeZwi laKho, Nkosi. IZwi laKho liyiQiniso. Busisa izinhliziyo zethu.

5 SiyaKubonga ngalomhlangano. SiyaKubonga ngoMfowethu Grant, nangazo zonke izisebenzi zakhe, nawo onke amabandla nabantu. Nangakho konke lokho Osenzele khona, Nkosi, siyathokoza kuWe. Baba, kungahle kubekhona abaningi bethu lapha abangasophinde babonane futhi manje, size sibonane ngaphesheya. Lena kungaba yinkonzo yokugcina esizohlala ndawonye kulomhlaba. Kwangathi uMoya oNgcwele ungafika usibusise sisonke, usikhonze ezidingweni zethu. EGameni likaJesu siyakhuleka. Amen. (Ningahlala phansi.)

6 Nginephepha lokulobela lapha, ngibhala imiBhalo nezinto ezincane. Kwakuvamise ukuthi ngikwazi ukukukhumbula engqondweni yami, kodwa ngisanda kwedlula emashumini amabili-nanhlanu, niyazi, okungukuthi, okwesibili. Futhi manjena-ke angisakhumbuli njengoba ngangivamise ukwenza, futhi kuningi kakhulu okuphelela emihlanganweni nezinto, nokuningi kakhulu okufanele kwenziwe.

7 Indaba yethu kulentambama ithi: *UPhawu*. Isigcawu sethu sivuleka eGibithe. Yisithombe esikhulu lapha manje, ngifuna nonke nisibone futhi nihloniphe ngakho konke. IGibithe liyindawo yesigcawu, nesikhathi sesigcawu sisekuqaleni nje kophumo.

8 Futhi, manje, kungumfanekiso wanamhlanje, oboniswayo, njengoba futhi sibhekene nolunye uphumo. UNkulunkulu ekhipha uIsrayeli eGibithe, eya ezweni lesithembiso, kwakungumfanekiso kaKristu ekhipha uMlobokazi ebandleni, eya eZweni lesithembiso. Sikolunye uphumo. Manje uma nizotadisha umBhalo, sinesikhathi nje sokushaya izindawana eziphakeme zalo, yiqiniso lelo. Siyi . . . Njengoba uNkulunkulu akhipha isizwe esizweni, uNkulunkulu uzokhipha uMlobokazi ebandleni. UMlobokazi uzobizwa evela kuwo onke amabandla. Kuzoba ngabakhethwe nguNkulunkulu, bazokhishwa. Futhi sesisogwini lwalolophumo khona manje, ngokuba sinabobonke ubufakazi bangokomBhalo ukuthi simi lapho. Manje, ngiyazi ukuthi kade kushiwo izikhathi ezininginingi, kodwa, mngane wami, ngesinye isikhathi kuyoshiwo okokugcina. Isikhathi siyofiphalela ePhakadeni ngaleyonkathi. Ufikela ukuzothatha uMlobokazi amkhiphe ebandleni.

9 Uphawu lwaluyinto eyenza umehluko phakathi kweGibithe noIsrayeli, izizwe ezimbil. Bonke babeyizidalwa ezingabantu, kodwa bonke badalwa nguNkulunkulu, bonke bangumsebenzi wezandla zikaNkulunkulu, kodwa, umehluko ngenkathi kukhishwa isigwebo sokufa, umehluko phakathi kokuphila nokufa kwakuwuphawu.

10 Futhi kuyoba njalo ekufikeni kweNdodana kaNkulunkulu, ngenkathi Ikhipha uMlobokazi ebandleni, umehluko uzoba wuPhawu. Manje, lalelisisani kulentambama, futhi nibone ukuthi akusilo yini iqiniso. UPhawu luzoba wumehluko. Kuzofanele kubekhona umehluko.

11 UNkulunkulu uzokwehlulela izwe, ngolunye usuku. Uma bengibuze abantu abangamaKatolika, Uzokwehlulela bani, Uzolehlulela ngani izwe na? Bebezothi, "ibandla." Liphi lona ibandla na? "Ibandla eliKatolika." Liphi lona ibandla eliKatolika, maningana nje? AmaMethodisti abezothi, "ngeMethodisti," amaBaptisti-ke lingaphandle kwalo. Manje-ke, uma ulehlulela ngebandla lamaBaptisti, onke amanye awo lingaphandle. AmaPentecostal athi, "ngePentecostal,"

khona-ke onke amanye awo lingaphandle. Niyabo, bekuzoba sekudidekeni, okuningi kakhulu ukudideka, kudida kakhulu engqondweni, ukucabanga ngento enjalo.

12 Kodwa uNkulunkulu wayenendlela lapha Athi Wayezokwehlulela umhlaba, hhayi ngebandla eliKatolika, hhayi ngebandla eliphikisana nenkolo yamaloma. Kodwa Uzokwehlulela izwe ngoJesu Kristu, noJesu uyiZwi, ngakho nakho kubuyela eBhayibhelini futhi. Niyabo? Uzokwehlulela izwe ngeBhayibheli. NeBhayibheli liyiNcwadi yokwahlulela kaNkulunkulu, eyisambulo sikaJesu Kristu esiphelele, ukuthi akukho okunye okungenezelwa noma yikuphi okunye okungasuswa kuYo; inhlawulo yokukwenza, yigama lakho likhishwa eNcwadini yokuPhila. Hlala eNcwadini nje ngqo, futhi sikhuleke kuNkulunkulu ukuba asenze sibe yingxenye yaLeyo.

13 Manje siyathola, uphawu, yini uphawu na? Uphawu yisibonakaliso senani elikhokhiwe, uphawu luyilokho. Njengemizila yezitimela yakithi nemizila yamabhasi, sithatha imali yethu siye esiteshini. Manje, niyabo, umzila webhasi awuvunyelwe, ezindaweni lapho izimpawu zisetshenziswa khona, abavunyelwe ukuthatha imali. Bangeke bayithatha imali, kuthatha uphawu; ake sithi, amabhanoyi, noma yini okunye. Uya endaweni ethize, etafuleni lokuthenga, bese uyathenga, emalini yakho, izimpawu ezingaka, loluphawu oluthize. Naloluphawu luyisibonakaliso sokuthi imali yakho yokugibela isikhokhiwe. Unelungelo lokugibela umkhumbi, ukugibela ibhanoyi, ukugibela ibhasi, kumbe noma ngabe yini, inqobo nje uma uphethe uphawu ukukhombisa ukuthi—ukuthi ukugibela kwakho kukhokhelwe. Manje kukhumbuleni lokho. Ningakukhohlwa.

14 Iwundlu likaIsrayeli elihlatshiweyo laliyi. . .laliyisidingo sikaNkulunkulu. UJehova wayedinga iwundlu elihlatshiweyo, isibambiso esingenacala. Njengoba sekuphele iviki sedlule kukho manje, ukuthi uNkulunkulu, lapho Enza isinqumo, Akasiguquli neze. Futhi Wenza indlela, into yaKhe yokuqala Ayenzayo lapho umuntu kade esewile, Wafanele ukuthi amenzele indlela yokubuya, uma Wake wafuna ukumhlenga, futhi Wenza isinqumo ukuthi Wayesindise umuntu ngeGazi laLowo ongenacala. Futhi kuze kube-phakade Wenze into efanayo. Akakaze ayiguqule. Ayikho indawo lapho uNkulunkulu ayoke ahlangane khona nanoma yimuphi umkhonzi, kuphela ngaphansi kweGazi. Yileyo kuphela indawo yaKhe.

15 Sizama ukuMenza ahlangane phansi kwesayense yethu yezenkolo, phansi kwehlelo lethu, phansi kwezinhlelo zethu zemfundo. Abanye wakhe imibhoshongo nabanye wakhe amadolobha, iBabiloni no—nombhoshongo waseBabele, nazozonke izinhlobo zezinto ezehlukene. Kodwa kusalokhu kuhlezi kunjalo, uNkulunkulu kuphela uhlangana nomkhonzi

weqiniso phansi kweGazi. Akakuguquli neze. Ngeke sonke saba yiMethodisti, ngeke sonke saba ngamaPentecostal, ngeke sonke saba yi *lokhu, lokho,* noma *okunye*, asizukuvumelana. Kodwa uma ngifika kumuntu, noma ngabe ungumpristi oyiKatolika, kumbe noma ngabe uyini, uma ephansi kwaleloGazi singabazalwane, khathal' ukuthi ukuphi, inqobo nje uma ephansi kwaleloGazi.

16 Manje, Iwundlu elihlatshiweyo likaIsrayeli laliyisidingo sikaJehova, negazi laliwuphawu ukuthi umsebenzi wase wenziwe. UNkulunkulu wayelidingela ukuhlengwa, eGibithe, kuyiwa ezweni lesithembiso, Wayedinga isilwane esihlatshiweyo. Nalesosilwane sifanele sibe . . . Igazi lesilwane esifile lifanele libhecwe ekhothameni nasemnyango, nalokho kwakumele uphawu lokuthi into uJehova ayeyidingile yase igcwalisiwe. Niyabo? Manje, akusilo iwundlu elaliwuphawu, igazi laliluphawu. Manje, ukuphila kwakuphumile emhlatshelweni, futhi manje igazi laliwuphawu. Iziyalo zakhe zazenziwe. Igazi lamela uphawu, isibonakaliso sokuthi lelikholwa lenze khona impela isidingo esasiyikhona. Lolo kwakuwuphawu. Kulungile, ukubona ikholwa, likhonza, lalibe selizibandakanya nomhlatshelo walo. Niyabo?

17 *Nansi* indlu, nomkhonzi, kwakuyini isidingo na? "Hlabani iwundlu. Ngosuku lweshumi nane emva kokuba selibekwe phezulu, i-duna elingenasici, wonke uIsrayeli uyakulihlaba, negazi liyakuthathwa ngehisopi ebese libhecwa ekhothameni lomnyango."

18 Futhi, kambe, lelohisopi laliwukhula olwejwayelekile nje. Ukuthi *Hisopi* kuchaza ukuthi "ukukholwa kwakho." Omunye umuntu uzama ukuba nokukholwa okungaphezu kwemvelo, yingalesosizathu nigejwa ukuphiliswa kwenu. Ukukholwa kuyinto ejwayelekile nje. Unakho ukukholwa kokuza enkonzweni. Unakho ukukholwa kokuphuma uhambe lapho. Unokukholwa kokudumisa imoto yakho. Unokukholwa kokudla idina lakho. Kungaleyondlela-ke, ukukholwa okwejwayelekile nje. Manje ukubheca igazi, lalibhecwa ngehisopi okuwukhula olwejwayelekile nje olumila noma yikuphi ePalastina, kukhombisa ukuthi ukukholwa igazi elizobhecwa ngakho akusiyo into enkulu ozofanele ube nalo lonke uhlobo lweziqu zobudokotela ukuba ukwenze. Kwejwayelekile nje, ukukholwa kwansuku zonke, ukukholwa nguNkulunkulu. Niyabo? "Bheca igazi," ngokukholwa, "ngehisopi."

19 Manje, umkhonzi, manje-ke, ubonile ngaphansi kwaleligazi, wayekhombisa ukuthi wayesenzile isicelo sikaJehova, futhi wayebandakanywa. Uphawu lwalukhombisa ukuthi wayebandakanywa newundlu elihlatshiweyo uJehova ayelidingile. Umsebenzi wenziwa. Umfanekiso ophelele kanje pho namhlanje, kaKristu nekholwa. Uma uPhawu lubhecwa-

obala ekholweni, khona-ke Lwalukhombisa ukuthi semukeliwe nomsebenzi sewenziwe.

20 Manje-ke, igazi laliwuphawu lwenkomba yokuzibandakanya, igazi uqobo lwalo. Isilwane sopha, safa, negazi laso lalisobondeni. Manje, ukuphila kwesilwane, okwakusegazini. Nokuphila kusegazini, siyakwazi lokho. IBhayibheli lasho njalo, nesayense iyakufakazela, ukuphila kusegazini. Ngakho manje-ke ngenkathi isilwane sibulawa, nokuphila kwephulwa esilwaneni, igazi lalifanele libe yigazi lemvelo yegazi, ukumela uphawu. Ngoba, ukuphila okwakusegazini kwakungenakubuyela phezu kwekholwa, ngoba kwakungukuphila kwesilwane.

21 Futhi ukuphila kwesilwane nokuphila komuntu kwehlukene ngokoqobo. Akukho, lutho kulo nhlobo. Uthathe, thatha igazi lesilwane bese ulifaka kuwe, uyofa. Ngakho niyabo, thina, ngu—ngukuphila okwehlukile egazini lesilwane kunoma likhona egazini lomuntu, ngoba umuntu unomphefumulo. Isilwane asinamphefumulo.

22 Futhi manje, ngakho-ke, igazi uqobo lwalo, qondani manje, okwemvelo okubomvu, izithako zemvelo ezingamakhemikhali egazi, kwakumele kume ngaphandle emnyango, njengophawu ukuthi iwundlu lalifile, manje, ngoba ukuphila kwewundlu kwakungenakubuyela kumkhonzi ongumuntu. Kodwa namhlanje . . . Kwakungumfanekiso kuphela.

23 Namhlanje akusilo iGazi lesithako semvelo leNkosi uJesu, iWundlu lethu, kodwa ngukuPhila okwakuseGazini okunguMoya oNgcwele. Kuyabuya futhi kuwuPhawu ukuthi semukele futhi senza khona impela uNkulunkulu asitshele ukuba sikwenze. Bese kuthi-ke ngokuba noPhawu, sibandakanywa noMhlatshelo wethu, ngokupheleleyo. Angiboni ukuthi kungaba ngenye into kanjani ebingacaca ngokunye okwedlulele. Niyabo?

24 Okuyiyona-ndlela kuphela noma ubani owayengasho ukuthi leyondlu yayingeyakuphi, futhi, phansi kwegazi, ngoba okwemvelo kwegazi kwakuseminyango. Bedlula, iNgelosi yokufa yayibuka bese ibona igazi. Manje, futhi, kwakungumfanekiso kaMoya oNgcwele.

25 Manje, niyabo, iGazi likaJesu langempela lalingenakuba phezu kwalowo nalowo wethu, ngoba, WayeneGazi elingaka nje emzimbeni waKhe. Futhi kuconsile, laphuma emzimbeni waKhe, langena emhlabathini, eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili eyedlula; kodwa lalingezukuba eloPhawu. UkuPhila, ukuPhila okwakuseGazini, kwakuwuPhawu manje. Ngizokufakazisa kini, emzuzwini nje, ngeBhayibheli. KuwuPhawu oluzofika phezu kwalowo nalowo wethu, ukukhombisa ukuthi sibandakanywe noMhlatshelo wethu, futhi sisenzile isicelo sikaJehova.

26 UPetru wathi, ngoSuku lwePentekoste, "Phendukani, yilowo nalowo, abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwesono, khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, esabo bonke okude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Niyabo, kungesikho nje ukubakhombisa khona. "Bonke iNkosi ezobabiza."

27 Baningi abacabanga ukuthi babiziwe. Kodwa bonke "iNkosi" iyababiza! "Labo Ababona ngaphambili, Ubabizile; bonke Ababizile, Ubalungisisile; bonke Abalungisisile, Ubakhazimulisile," vele into isiqediwe.

28 Futhi-ke uma uthatha umuntu ongakholwa ukuthi uMoya oNgcwele ngowosuku, niyabona ukuthi benzani na? Baphika uPhawu okuwumfanekiso impela wenu nixhumana noMhlatshelo wenu. Niyabo ukuthi ngichaza ukuthini na? Kulula kabi uma nje nikubuka nge—ngendlela uNkulunkulu anakho kulotshwe ngayo manje. IGazi lasithwala futhi sasi. . .likhombisa u—umfanekiso kaMoya oNgcwele, lokho ngukuPhila.

29 Manje, ukuphila kwesilwane kwakungenakubuya kungene kumuntu, ngoba kwakungeke kufanelane, ukuphila kwesilwane akunamphefumulo kukho. Ukuphila komuntu kunomphefumulo. Isilwane asazi ukuthi sinqunu. Asikwazi okuhle kokubi. Sona, sivele nje. . .Sino—nomoya, kodwa hhayi umphefumulo. Manje khumbulani, manje, umphefumulo uyimvelo yomoya, kusobala.

30 Manje bhekisisani, kodwa-ke ngenkathi ukuPhila koMhlatshelo wethu, uJesu Kristu, ngenkathi iGazi laKhe lichithwa. WayenguNkulunkulu, efakwe njengasebhodleleni kuMuntu oyedwa. Manje, Uyehla esuka ekubeni nguJehova, ukuba Azibandakanye njengesidalwa esingumuntu, ukuba Azethwese isimo sokufana nomuntu, ukuba asibandakanye naYe. WayeyiWundlu likaNkulunkulu. Futhi ngaphakathi kuYe, lapho iGazi. . .

31 Manje ngiyazi omunye uthi, "Wayeyigazi lobuJuda." Uzwa amaJuda esho lokho. Wayengesilo igazi lobuJuda, kanjalo futhi Wayengesilo igazi labeZizwe. WayeyiGazi likaNkulunkulu. Wayengenalo elobuJuda. . .WayengeJuda engengoweZizwe. WayenguNkulunkulu. "I—i—intombi iyokhulelwa."

32 Manje, ngiyazi iningi lenu bantu namaProtestane nicabanga ukuthi iqanda lalingelikaMariya. Futhi u—umbala obomvu wenhlayiya yegazi ovelayo, ukuphila kungena engqamuzaneni lokuphila legazi. Ngoba, isikhukhukazi senyoni singazalela iqanda, singazange sibe neqhude lenyoni, lingeke lichamselwe, ngoba alivundiswanga. Ukuphila kuvela emgudwini wegazi, eliqhamuka ebulilini bowesilisa. Kodwa kulendaba kwakungekho-bulili bowesilisa, ngakho, "ukuphila

egazini," lafanele livele kuNkulunkulu yedwa qhwaba, futhi Wadala ingqamuzana lokuphila leGazi esizalweni sikaMariya. UNkulunkulu uqobo lwaKhe, uMdali uqobo lwaKhe, wadala ingqamuzana lokuphila leGazi. Manje bukani. Bathi, "Awu, kwakungumzimba. UMariya wayeneqanda." Qhabo, mnumzane. Wayengenalo; akukho-qanda. Uma kwakuyiqanda, ungeke wasithola isidoda ngaphandle kokuvuka kwemizwa. Futhi uma Yena, owesifazane wayenokuvukelwa yimizwa, umenza enzani uNkulunkulu na?

33 Wakudala kokubili iqanda neGazi. Yilokho impela Ayeyikho. "Samphatha uNkulunkulu," iBhayibheli lasho. UTimothewu wokuQala 3:16, "Kuvunyiwe ukuthi inkulu imfihlakalo yokukhonza: uNkulunkulu wabonakaliswa enyameni. SaMphatha ngezandla zethu." Lowomzimba wawunguNkulunkulu. Ngempela, wawunguye. WayenguNkulunkulu wonke, esimweni sesidalwa esingumuntu.

34 Manje siyaqaphela kulokhu, ukuthi lelongqamuzana lokuphila leGazi lephuliwe, elaveza uNkulunkulu. "UNkulunkulu wayekuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe." Lapho, akekho omunye owayengakwenza, akukho okunye okwakungenziwa; kuthathe leloGazi elingcwele, Yena uqobo. UNkulunkulu kwadingeka ehle futhi abe ngumuntu, ukuhlupheka ngenxa yomthetho waKhe uQobo. Uma uJesu wayengumprofethi nje, umuntu ohlukanisiwe noNkulunkulu, kusho ukuthi-ke uNkulunkulu akanakulunga.

35 Ukuba bengingathi, "UMfowethu Grant akafele isono esithize ebesifanele sifelwe nguBilly, kumbe enye into, inhlawulo ethize," lokho bekungeke kube ngukulunga. Ukuba bengizothi akube ngumfana wami uqobo ofela inhlawulo emenyezelwe yimina, kusalokhu kungesikho ukulunga. Bunye kuphela ubulungiswa engingabenza, lokho ngukuthatha indawo yakhe, uma ngifuna ukumsindisa.

36 NoNkulunkulu wadingeka ukuba abe yinyama, ukuze athathe indawo yesoni; uNkulunkulu wabonakaliswa enyameni, engasilele ngalutho kunoNkulunkulu uqobo lwaKhe. Manje, Wayelapha, ebonakaliswa enyameni, ukuba asuse izono zezwe. Futhi Wazibandakanya Yena uqobo kithi, ukuze thina sibandakanywe kuYe. Niyayibona inhloso yakho na?

37 Manje sithola ukubandakanywa kwethu noMhlatshelo wethu, ukuPhila koMhlatshelo kukithi, owuMoya oNgcwele. Ngenkathi kwephulwa lelongqamuzana lokuphila, lakhipha uNkulunkulu, lakhipha uNkulunkulu, ukuthi Wayengcwelise abantu ngeGazi laKhe uQobo wase efaka uNkulunkulu kumuntu futhi. UNkulunkulu ekini, ukuPhila okuPhakade!

38 Futhi noma yisiphi isifundiswa esikhulu sesiGreki siyazi ukuthi lelogama, ukuPhila okuPhakade, livela egameni elithi Z-o-e-, *Zoe*, okuchaza ukuthi "ukuPhila kukaNkulunkulu

uQobo." Kunjalo. Okuyiyona-ndlela kuphela ongaze ube nayo nokuPhila, sinye kuphela isimo sokuPhila okuPhakade, nalokho kungukuPhila kukaNkulunkulu uQobo phakathi kuwe. Niyabo? Khona-ke unokuPhila okuPhakade, ngoba nguYe kuphela oyiPhakade elikhona. Futhi siyizingxenye zemicabango yaKhe, kungakabikho ngisho isisekelo sezwe noma yini. Konke lokhu ngukucabanga kwaKhe nje, futhi thina singukuvezwa obala kwemicabango yaKhe kokuthi wawuyini.

39 Futhi Wadingeka ukuthi ehle ukuze asuse isono. Akekho omunye owayengakwenza. Kwakungekho noyedwa owayefanele ukukwenza. Akekho noyedwa owayengakwenza kepha nguYe, futhi Wakwenza. Kwase kuthi-ke ngenkathi lokho kuPhila kukhishwa kulowomzimba uMuntu, okwabe kuyiNdodana kaNkulunkulu; amandla aKhe okudala enza indlu, njenganoma yiyiphi inkontileka, wakha indlu Angena kuyo, qobo lwaKhe. UNkulunkulu wakwenza lokho.

40 Kwase kuthi-ke ngenkathi lokho kuPhila sekuthathwa, iGazi, imvelo yaLo, lathululwa emhlabathini, nje njengalo nje elika-Abela elathululwa emhlabathini. Kodwa kuleloGazi kwaphuma uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, nalowo wathunyelwa kumuntu ngoSuku lwePentekoste, ukuba abandakanywe noMhlatshelo owabafelayo. Ayikho enye indlela ezweni esingakuthola ngayo. UPhawu qobo lwalo!

41 Bukani, uma wawunecala lokufa, futhi wazi ukuthi wawuzoya esihlalweni sikagesi. Futhi khumbula, ukwenqaba . . .

42 Dallas, lalelani! Ukwenqaba iGazi likaJesu Kristu, uPhawu lweGazi laKhe, uma uLubona futhi uLwenqabe, uzobhekana nokwaHlulelwa uneGazi laKhe ezandleni zakho. Soni, lunga lebandla, kukhumbule lokho.

43 Ukuba-ke uLee Oswald ubengahle akwazi, lezozinsuku ezimbalwa, nalokho kujuluka phambi kwaleyoNkantolo eNkulu yamajaji abezobhekana nayo; futhi azi ngokubulala uMongameli, ukuthi bekungeke kubekhona ngisho nachashaza elilodwa lesihawu, ufanele ukuthi angazizwa enjani lowomuntu! Bekungaba yinto esabisa kabi. Akazange abhekane nakho ngoba omunye umfo wamdubula. Kodwa cabanga ngokuhlala lapho ngaphambi kweNkantolo eNkulu ethukuthele yamajaji, negazi lomfo wakini lisezandleni zakho, uMengameli weUnited States! Lokho bekungaba yinto epholile, kinina bantu enedlula iGazi likaJesu Kristu, lapho niyoma ezinkantolo zikaNkulunkulu. Ujuluke uma wazi. UOswald akukho abengakwenza kunokuba ashiye lokhu ukuphila ngenxa yakhe, kodwa uNkulunkulu wena ukushiya Phakade usuke eBukhoneni baKhe. Kuyoba yinto esabeka kabi. Qaphelani.

44 Ukuba benizoza ezinkantolo ngenxa yokuba necala, beningafunisisa ummeli obedlula bonke ebeningabathola. Noma ubani ubengakwenza.

45 Futhi wonke umuntu ozelwe ezweni, angikhathali ukuthi uphuma ekhaya elilunge kanjani, unecala leGazi likaJesu Kristu aze ukuba usemukele ukuxolelwa kwalo. Nendlela kuphela owazi ngayo ukuthi ukuxolelwa kuyikho, uma uPhawu luzibeka Lona uqobo phezu kwakho, futhi unoPhawu.

46 Qaphelani, ninecala, futhi benizofunisisa ummeli obedlula bonke obungabathola ukuba amele icala lakho. Futhi ukuba bengizoya ekwaHluleleni kukaNkulunkulu, angifuni-mpristi, angifuni-muntu; ngifuna ummeli obedlula bonke engingabathola ukuba amele icala lami.

47 Ake ngithi kulokhu, kuwe, mngane wami ongumKristu. Ummeli wethu ungumahluleli futhi, nomahluleli wethu—wethu waba ngummeli wethu. Icala seliqediwe uma semukela ukuxolela kwaKhe. Umahluleli qobo lwaKhe wehla wase eba ngummeli, nommeli nomahluleli nguMuntu ofanayo. UNkulunkulu uba ngumuntu, ukuze Alungise umuntu ngokufa kwaKhe uQobo Ayekubeke phezu kwakhe. Haleluya! Lokho kuchaza ukuthi, akadunyiswe uNkulunkulu wethu! Ufanele zonke izindumiso. Umahluleli wethu nommeli wethu nguMuntu ofanayo.

48 UMoya oNgcwele uwuPhawu ukuthi sesixolelwe. Icala selivaliwe. Kuwo wonke owesilisa nowesifazane ngeqiniso owemukele umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, uvivinyiwe, ubandakanywa nommeli wakhe, nomahluleli wakhe, nomhlatshelo wakhe, noPhawu analo aluphetheyo lukhombisa ukuthi uhambo lwakhe selukhokhelwe oluya eNkazimulweni. Amen. Sekuphelile. Uphethe loloPhawu. Ngolwakhe, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ongufakazi wokuvuka kukaJesu. Amen. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Leyo yinkomba yakho, uphethe uPhawu.

49 Manje uma ungenalo loloPhawu, ungeke ungene. Ufanele ube noPhawu. Leyo yintengo edingekayo, "Nxa Ngibona igazi, igazi liwuphawu. Nxa Ngibona igazi, Ngodlula kini." Ufanele ube noPhawu. Uma ungenalo, ngani, ungeke uhambe. Ufanele ube noPhawu.

50 Uma uphawu lwalungaveziwe obala, uphawu lungakhonjiswanga ezansi lapho, ngisho nesivumelwano sasingasebenzi. Wena uthi, "Awu, manje, Mfowethu Branham, manje awume umzuzu nje." Kunjalo impela.

51 Uphawu lwalungaphezu kwesivumelwano. Ngokuba uIsrayeli wayenesivumelwano ukuba asokwe, futhi noma yiliphi iJuda lalingaphuma futhi likhombise noma yimuphi umuntu, "ngingafakazisa kuwe ukuthi ngisokiwe, ngiyiJuda, ngisokwe ngokomyalo kaJehova," kodwa nokho lokho kwakungamxoshi

uma uphawu lwalungekho lapho futhi. Ufanele aluveze obala uphawu. Niyakuthola na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] U. . . Uphawu lufanele lube lapho, noma kanjani. Futhi uma usesivumelwaneni . . . Uma noma yiliphi iJuda lalizothi, "Angibheci-gazi emnyango wami, ngingafakazisa ukuthi ngiyiJuda lesivumelwano," iNgelosi yokufa yayimthola. Akunandaba ukuthi lalethembeke kanjani ukuthi laliyilunga lebandla kangakanani, lalikhokhe izishumi kangakanani, ukuthi lalisho kanjani ukuthi lalikholwa nguJehova; uJehova wayedinga lolophawu.

52 Futhi Uyakwenza namhlanje, futhi. Kuzofanele kubenjalo. Kufanele kube njalo, "Ngokuba ayikho enye indlela phansi kweZulu, alikho elinye igama elinikwe noma ngayiphi indlela," akunandaba ukuthi lihle kanjani, lethembeke kanjani. LoloPhawu luzofanele lube lapho, futhi luvezwe obala.

53 "Igazi," wena uthi, "awu, ngabulala iwundlu futhi ngalifaka kujeke. Ngilibeke ngemuva lapha." Akusikho lokho Akushoyo. Lifanele libe sekhothamo nasendaweni yasemnyango. Lifanele livezwe obala.

54 Nokuphila kwakho kuzofanele kuveze obala uPhawu olukuwe. O, nina maPentecostal, yin'indaba ngani? Niphungule izinwele, napenda ubuso, isilisa, amahlaya angcolile nezinto, kuphi lokho kuvezwa obala kweGazi leNkosi yami uJesu Kristu eliwuPhawu khona lukaMoya oNgcwele na? Wena, unesimo sokumesaba uNkulunkulu, futhi ukubiza "ngobuthakathi" nakho konke okunye, imisebenzi kaNkulunkulu, "ubuthakathi." Uluveza kanjani uphawu obala na?

55 Bathi, "NgiyiPent- . . ." Angikhathali ukuthi uyini. "NgiyiBaptisti. NgiyiPres- . . ." Angikhathali ukuthi uyini. LoloPhawu luzofanele lube lapho. UNkulunkulu uyaLudinga, futhi lutho olunye kuphela lolo.

56 Wena uthi, "Awu, nginezobudokotela." Angikhathali ukuthi yiziqu ezingaki onazo. UNkulunkulu udinga loloPhawu, futhi Lolo kuphela. Kuyisibonakaliso sokuthi indlela yakho ikhokhelwe. Akazukuthatha izincwadi zakho ezichaza ngawe noma enye into ethize. Uzofanele abe naloloPhawu.

57 Umshayeli webhasi uthi, "Lapha, awume kancane, lolo akusilo uphawu lwami."

58 Indoda yebhanoyi ithi, "Awu, phuma uye lapho manje." Ithikithi liwuphawu. Uphume uye lapho futhi utshele umshayeli webhanoyi, "Lapha, ngifuna ukungena ebhanoyini lakho. Kubiza malini?"

"Hamba uyongena bese uthatha uphawu lwakho."

"O, ngizokukhokhela."

59 "Angikwazi ukuyithatha. Ungeke ungene ebhanoyini lami uze uhambe uyokhokha intengo bese uthola uphawu. Ngifuna uphawu."

Wena uthi, "Awu, ngaya esikoleni. Ngenze *lokhu*. Ngi . . . "

60 Angikhathali ukuthi wenzeni, ufanele ube noPhawu kungenjalo awungeni. Amen futhi amen. Anikuboni na? UNkulunkulu udinga loloPhawu. "Nxa Ngibona igazi, futhi Ngodlula kini kuphela uma Ngibona uphawu."

61 Lwalungaveziwe obala, isivumelwano sasingasebenzi ngisho. IJuda lalingasho ngokoqobo futhi lizifakazele ukuthi liyi—liyiJuda elisokile, lalingathatha abazalwane liphume bese lithi, "Bukani lapha, ngisokiwe," Lokho kwakungasho neyodwa into.

62 Wena uthi, "NgiyiMethodisti. NgiyiBaptisti. NgiyiPentecostal. Ngiyi *lokhu*. Ngiyi *lokho*." Lokho akusho neyodwa into.

63 Uzofanele ube noPhawu. Futhi uma kufika uPhawu, Lufakaza ngoKristu. Wathi lwaluzofakaza. NoKristu uyiZwi. Futhi ungakuphika kanjani ukuthi iBhayibheli liqinisile, ingxenye yaLo, kodwa ube ulokhu usathi unoPhawu, kanti uPhawu lungubufakazi bukaJesu Kristu na? Niyabo, yilapho engimangala khona.

64 "O," uthi, "Angikholwa, ngikholwa ukuthi izinsuku zesimangaliso . . . " O, buka ngaphandle, akukho-Phawu lapho. UPhawu lugcizelela lonke iZwi ngo "amen," yonk'into, ngoba luwuNkulunkulu qobo Lwalo. Niyabo? Kulungile.

65 Kodwa uma uphawu lwalungekho lapho, isivumelwano sasingasebenzi. Sasichithwa. Kuyafana manje! Akunandaba ukuthi usho ka—kangakanani, ubungasho kangakanani ukuthi, "Ngiwakholwa onke amaZwi eBhayibhelini," uthi, "Mfowethu Branham, ngi—ngingakucaphunela uhhafu waleloBhayibheli, lonke iBhayibheli, ngenhliziyo. Ngikholwa konke nokuncinyane kwaLo." Lokho kuhle. USathane uyakwenza, naye. Ehhe. Kuthatha uPhawu!

66 "Awu, Mfowethu Branham, nginobonda lwami lugcwele iziqu. NgineZiqu zoBuciko, futhi ngineziqu zobudokotela, neLLD. yesiLatini. Futhi, o, ngibhale izincwadi. Ngenze *lokhu*. Ngenze konke. Nge—ngenze zonke lezizinto." Angikhathali. Lokho kulungile, kepha nokho uzofanele ube noPhawu. UPhawu, lusalokhu lufuneka uPhawu!

67 Wena uthi, "Ngiyisitshudeni seBhayibheli. Ngi—ngingumuntu olungileyo. Ngiyi *lokhu, lokho*." Lokho kungaba kahle, konke lokho kulungile, kodwa kusalokhu kufanele kube noPhawu!

68 Manje, ukufa kwase kulungele ukugadla kwiGibithe noma nini, futhi kanjalo nokufa sekulungele ukugadla esizweni manje noma nini.

69 AnnaJean, ngizwa okuthize njengobaba wakho, washo isiphawulo ngesinye isikhathi. Bengihlala njalo ngikuthanda lokho, Wathi, "Uyazi, lesisizwe, nezono ezifanayo, uma uNkulunkulu ededela iMelika izedlulele nalokho ekwenzayo, Uyobe ebophezeleke ngomthetho wokulunga ukuvusa iSodoma neGomora futhi axolise kubo, ngokubashisa." Futhi lokho kuqinisile.

70 Khumbulani, uIsrayeli wahlawula ngazo zonke izono azenzayo, siyobanjalo nathi. Siya sixega kanjani na? Bophani ngqi izikhali! Buyela kuNkulunkulu, bandla! Angisho lezizinto ukuba ngehluke. Nginitshela njengesexwayiso. Kholwani!

71 Ukufa kwase kulungele ukugadla. UNkulunkulu wayebakhombisile umusa waKhe nesihawu saKhe, ngamandla nezibonakaliso nezimangaliso (wenze kanjalo-ke namhlanje ngaphambi kokuba athathe iBandla alikhiphe), babesalokhu bengakufisi ukuphenduka ukuba bakholwe umlayezo.

72 Niyabo, kwakukhona umlayezo ngaphambi nje kokukhishwa kwebandla. Kuyofanele ubekhona njalo. Kuyafana manje. Konke ukwenzeka kokomoya kuyisibonakaliso esivela kuNkulunkulu. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] NjengoMlayezo, kukhona isibonakaliso bese-ke uMlayezo ulandela isibonakaliso. UNkulunkulu watshela uMose, wathi, "Uma bengayikulikholwa iphimbo lesibonakaliso sokuqala, mhlawumbe bayolikholwa iphimbo lesibonakaliso sesibili."

73 Manje, uma nibona izibonakaliso zenzeka, futhi kungekhomlayezo emva kwaso, kuyisikole esifanayo nje esidala sesayense yezenkolo futhi kwehle njalo, lokho bekungaveli kuNkulunkulu. Kodwa lapho okukhona khona isibonakaliso esikhonjiswayo, uMlayezo uyasilandela. Manje bukani. UJesu ufika esigcawini . . .

74 Ngabe nginivala izindlebe na? Kumbe noma ubani osembhobheni lapha, kuzwakala sengathi umsindo uyabuya. Mhlawumbe uthe ukuphakama kancane. Ngifuna nikuthole.

75 Ngenkathi uJesu efika esigcawini, Akazange asho okuningi kakhulu kubantu, wonke umuntu wayeMfuna ebandleni lakhe. "O, lomProfethi osemncane, sijabula kakhulu nje ukuba naYe." Wayephilisa abagulayo. "O, udumo kuNkulunkulu. UNkulunkulu usivusele uMuntu omkhulu phakathi kwethu." Lokho kwakukuhle. Ngakho ngeliny'ilanga kufika endawaneni lapho . . . Leso kwakuyisibonakaliso saKhe.

76 UIsaya 35 wathi kuyoba yisibonakaliso. "Unyonga luyakutshekula njengendluzele," kanjalonjalo, "izimpumputhe zibone." Kwakuyisibonakaliso.

77 Wasiveza obala isibonakaliso saKhe njengoMesiya, kanjalonjalo. Futhi bona, abaningi babo, bathi, “Yebo, ngangingakuyela lokho.” Awu, manje, uma leso kwakuyisibonakaliso, kuzofanele kubekhona iphimbo lalesosibonakaliso. Kwakuyini iphimbo emva kwalo na? Lapho Eqala ukufundisa imfundiso yaKhe futhi ebabiza ngesigejane sezinyoka otshanini. Akathandwanga ngabantu kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke, niyabo, ngenkathi kufika iphimbo nesibonakaliso. Isibonakaliso sahamba kuqala.

78 UMose wehlela eGibithe enesibonakaliso. Futhi waphosa phansi induku yakhe, yaphenduka inyoka. Leso kwakuyisibonakaliso. Kodwa emva kwesikhashana, iphimbo lifika nesibonakaliso. Ngaleyonkathi-ke kwase kwehlukile. Niyabo, abakufuni lokho. I—iphimbo, lifanele, lilandele isibonakaliso. Futhi asikho esinye isikhathi okwakungake kufike ngaso kodwa ngalesosikhathi, ngoba kwase kuyisikhathi sokuba imiBhalo igcwaliseke. Bukani ukuthi Wamtshelani, esihlahleni esivuthayo, “Ngikubonile ukububula futhi ngezwa ngalabobantu baMi, futhi ngazibona izinhlupheko zabo ngezinduna ezigqilazayo zaseGibithe, futhi Ngiyasikhumbula isithembiso saMi eNgasenza kuAbrahama.” Iminyaka engamakhulu amane yase iphelelwe yisikhathi, futhi Watshela uAbrahama ukuthi babeyoba senzansi lapho. Niyabo, asikho esinye isikhathi okwakuzoba ngaso. UMose wayezofika nje ngaso lesosikhathi.

79 Iwashi elikhulu likaNkulunkulu lisishaya ngokuphelele isikhathi. Ngeke libe phambili noma lisale ngomzuzu owodwa. Kuyoba ngesikhathi nqo. Awu, ngakho, niyabo, yonke into yayihamba kahle nje, kwakungeke kufike ngezinye izikhathi.

80 Kanjalo lezizinto bezingeke zifike ngezinye izikhathi. Lokhu kwakungeke kufike ngezinsuku zikaLuther. Kwakungeke kufike ngezinsuku zikaWesley. Izinsuku zamaBaptisti noma amaMethodisti, ngezinsuku zawo, kwakungeke kufike. Kufanele kufike manje. UIsrayeli uzofanele abe yisizwe. Amabandla lizofanele libe njengoba enjalo manje. Kwakufanele kubekhona umlayezo wesithathu, unyaka webandla wesithathu. Kwakufanele kubekhona iLawodikeya. Lalingeke libumbeke kuze kufike iPentekoste base bedubula isivimbo sabo, base beyaphuma futhi bahlela, base benza lokho abakwenzayo. Manjena-ke kufanele kufike, bese kufika iNkosi, ngenkathi beYikhiphela ngaphandle kwebandla. IyiZwi.

81 Bayesaba ukuphosela leloZwi inselelo noma kuphi. Bathula du ngaLo, kodwa nokho bayaqophisana ngalo.

82 EChicago, lapha esikhathini esingeside esedlule, ngenkathi iNkosi inginika umbono. Nganginabefundisi abangamakhulu amathathu ezansi lapho. Ngathi, “Manje ngiyazi ukuthi yini eni . . . Mayelana nenzalo yenyoka, kanjalonjalo,” ngathi,

"omunye wenu thatha iBhayibheli lakho bese uza bese uma eduze kwami bese ufakazisa ukuthi akunjalo." Isigejane esithule ukwedlula zonke owake wazizwa. Ngathi, "Manje-ke sukani emva kwami." Niyabo, kungaphandle kwesikole sabo sokucabanga.

83 Nokho, bathi, "UMfowethu Branham ungumprofethi uma egcotshiwe, kodwa uma ugcobo lungasekho kuye, o, angazi." I. . . Uma lokho kungesikho ukuphawula kuka—ka—ka—kasosayense oxovekile! Lona impela . . .

84 Igama elithi *umprofethi* lichaza ukuthi "umambuli weZwi ngokukaNkulunkulu." IZwi leNkosi liza kubaprofethi. Wakhonjwa kanjalo uJesu. Futhi bathi emva kokuvuka, bathi, "Siyazi Wayengumprofethi kaNkulunkulu, niyabo, akekho ongenza lezizinto uNkulunkulu engenaye," manje-ke bengenakuwemukela umlayezo waKhe. Babengenakumemukela uJohane, futhi wayengumprofethi. Babengenakumamukela uElija, namunye wabo bonke babo, futhi babenesambulo sobuNkulunkulu.

85 Igama, igama lesiNgisi, *umprofethi*, amagama esiNgisi angasho noma yini, lichaza "umshumayeli." Kodwa uma uthi *umprofethi,* oweBhayibheli elidala, lalichaza "umboni." Nezincwadi zakhe ezichaza ngaye kwakungukuthi akushilo kwenzeke, naleso kwakuyisibonakaliso sokuthi wayengumprofethi; yena futhi leso kwakuyisibonakaliso sokuthi wayenesambulo sobuNkulunkulu seZwi elilotshiweyo. NoNkulunkulu bese esiqinisa-ke, emva kwakhe, asifakazise.

86 Kanjani na? Awu, kuzofanele nje kube ngaleyondlela, yilokho kuphela. Ayikho indlela yokukujikeleza. UNkulunkulu wathi kuyoba ngaleyondlela, futhi nakho lapho okhona. Kodwa nakho namhlanje, niyabo, loloPhawu luzofanele lube lapho, lokho kukhomba leloZwi futhi kulenze libe yiqiniso ngempela. Manje-ke Wethembisa kanjani, Wakulungisa kanjani konke okwabantu bezwe lesithembiso, manje, ngenkathi Ezoba naloluphumo, olwalungumfanekiso.

87 Manje ngizozama ukuqeda cishe kweminye imizuzu eyishumi nanhlanu, engamashumi amabili, ngoMlayezo. Qaphelisisani manje, ngifuna nithole lokhu, ngoba ngingahle ngingaphinde nginibone futhi, niyabo.

Qaphelani, manje bhekisisani ukuthi Wabalungiselela kanjani abantu baKhe.

88 Bangaki owaziyo ukuthi Akaziguquli neze izindlela zaKhe na? Akakwenzi neze. [Ibandla, "Amen."—Umhl.] Uyi . . . manje bukani eBhayibhelini lonke bese nibona ukuthi Wake wakuguqula yini. Qhabo, mnumzane.

89 Wabalungisa kanjani abantu na? Kuqala, Wathumela umprofethi enesibonakaliso, okwabe kunguMose. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nesibonakaliso sasinomlayezo,

umlayezo ukuba "bazilungiselele," babephumela ezweni elalethenjisiwe. Manje-ke Wayenenkomba, yalomprofethi, ukuthi ukuKhanya kwakungaphezu kwakhe. INsika yoMlilo yayilandela lomprofethi, siyakwazi lokho, yadabula ihlane noMose. Siyakuqonda lokho. Wase-ke ebanika uphawu lube yisiqiniseko sokuthi babengadingeki ukuthi besabe, konke ukucasuka nokwethuka izanya; lapho Athi khona, "Nxa Ngibona lolophawu, Ngodlula kini."

90 Bhekisisani ukuthi Wakwenza kanjani manje. Walungisa kuqala isibonakaliso, isithunywa, umlayezo okhonjiwe, inkomba yesithunywa, nophawu lwesiqiniseko sokuthi indlela yase ikhokhelwe. Sebeqonde ezweni lesithembiso.

91 Into efanayo Ayenzile namhlanje! Wenzani na? Wasithumelela uMoya oNgcwele. UMoya oNgcwele uyisiThunywa, nenkomba yangokomBhalo yaKhe uqobo iMkhomba ephakathi kwethu, onguye izolo, namuhla, naphakade. NoPhawu luyisiqiniseko. Yini pho esesabisayo? Imali yethu yokugibela isivele ikhokhiwe futhi sibandakanywa noMhlatshelo wethu. Angeke akudicilela phansi. Wakwethembisa lokho. Sibandakanyiwe.

92 UIsrayeli ephuma eGibithe, njengoba ngishilo, kunjengo—ngoMlobokazi ephuma ebandleni. Ngenkathi uMose eqala inkonzo yakhe, uIsrayeli wonke waqoqana ndawonye eGosheni, ukuba akhuleke futhi akhonze, impela, evela kuzo zonke izingxenye zeGibithe. Yileyondlela uMlobokazi azoyenza, liyophuma kubobonke abakaMunye, abakaMbili, abakaMthathu, nazo zonke ezinye izinhlobo. Liyophuma. Lifanele. Manje siyafunda lapha kumaHeberu i . . . Thina manje, into yokuqala esifanele sicabange ngayo, liphuma kuzo zonke izingxenye, "Liphuma phakathi kwakho konke ukungakholwa." Manje uMoya oNgcwele wethembisa ukubiza konke lokho ngezinsuku zokugcina, "Liphuma phakathi kwabangakholwa." Qaphelani.

93 Siyathola kumaHeberu 10:26, nginakho kubhalwe phansi lapha, kusho lokhu, "Uma sona ngamabomu emva kokuba sesamukele ukwazi kweQiniso, akusekho umnikelo ngesono," niyabo, uma ungakholwa ngamabomu.

94 Manje uma nizoqaphela, engingakusho lapha, uma nizonginika umzuzwana ngize ngenze lowomfanekiso ngomdwebo. Ngiyezwa eMoyeni, akuzwakalanga kahle. Niyabo? Qaphelani.

95 Nanka amaHeberu, asendleleni yawo yokuphuma. UNkulunkulu wakhetha indoda ayishumi nambili, noma uMose wenzenjalo, ngesandla sikaNkulunkulu, ukuwela nokuhlola izwe; abuya futhi, abuya nophawu lwezwe. Futhi ngenkathi esefika lapho, ayishumi kuwo ayesaba kuthi awafe. "Ngani," athi, "lawo ma-Amaleki phezulu lapho, sibukeka njengezintethe

kuwo." UJoshuwa noKalebi bayabuya, beletha ubufakazi obubonakalayo, "Singakwenza!"

96 Niyabo, lawo ngamakholwa athiyeka emnceleni. Edlula kulemisuka ehlukeneyo, edlula nasebandleni, nokujoyina ibandla, nemibhaphathizo nezimo. Kodwa uma sekufika ekukhuphukeleni ngqo kuya ekuweleleni ngapheseya ukuba athole uPhawu, ubufakazi obubonakalayo bokuthi iZwe likhona, ukuthi ukuPhila . . . UJesu Kristu akafile. Kukwelinye izinga. Uhlala kukho. Unathi, Ukithi manje. Uma sekufika kulokho, "a," abakukholwanga lokho. Lokho kwakukukhulu kakhulu, niyabo. Futhi bayabuya, futhi bona, bonke, bafela ehlane akukho-namunye owawelayo. Futhi, niyabo, uma singakholwa, thina maMethodisti, maBaptisti, Presbyterian!

97 Ngethemba ukuthi uthisha wami omdala uhlezi lapha namhlanje. UDokotela Roy E. Davis, abaningi benu uyamazi, khona lapha eFort Worth, mhlawumbe uhlezi phakathi lapha. Ngiyakhumbula sazixoxa lezizinto, kweminingi, eminingi iminyaka eyedlula. Wangibhaphathizela ekukholweni, ibandla leMishini yamaBaptisti.

98 Futhi sibuka, phakathi lapha manje, uma si . . . uma—uma senyukela kuleloZwe elingumncele, uthi, "Awu, udumo kuNkulunkulu, ngakhuluma ngezilimi, haleluya." Akusikho lokho. Uma ungathi, ungakholwa lutho okwaleloZwi, kukhona okungalungile olwazini lwakho lwesipiliyoni. Niyabo?

99 Wenyukela eZweni bese ubona ukuthi likhona. Uyabona ukuthi uJesu uvukile. Uphakathi kwethu. Uzwa iZwi elilandela umlayezo, futhi ube usalokhu ungaLikholwa, uyazi ukuthi kwenzekani na? Manje-ke bafela khona impela ehlane. "Uma sona ngamabomu emva kokuba sesemukele ukwazi kweQiniso, akusekho umnikelo ngesono." Yilokho iNcwadi yamaHeberu esitshela khona.

100 Futhi manje bhekisisani, njengoba sibona izibonakaliso ezinkulu zesikhathi sokugcina emhlabeni, Azethembisayo, kusexwayisa kakhulu kangakanani ukuthi isikhathi sesiseduze. Yekani ukungakholwa. Buthanani ndawonye. Sifanele sithandane futhi sikholwe, futhi sizehlukanise nezwe.

101 Qaphelani, babengesikho nje ukubuthana ndawonye bese bekhuluma ngomlayezo. Babefanele bangene kuwo, bangene phansi kwegazi. Hhayi ukuba bafike bathi, "Niyazi, uMose wasitshela. Isithunywa, wathi, wasitshela ukuthi sifanele sibe negazi. Nicabangani ngalo, bafana na?" Kwakungesikho lokho. Bulalani iwundlu, bese niba negazi phezulu lapho!

102 Singafika futhi sihlale futhi sivumelane neZwi, nakho konke okunye, kodwa singabi nalolоPhawu, kusisiza ngani na? Akusizi lutho. Ngenani phansi kwaLo. Wayengenacala lanoma ubani owayengaphandle kwalelogazi. Futhi Akanacala lanoma ubani, namhlanje, ongekho ngaphansi koPhawu.

103 Wonk'umndeni, baphephe kuphela ngenkathi bephansi kophawu, nophawu lwaluvezwe obala. Umndeni wonke! Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Namhlanje besifanele sikukhumbule lokho, bantu. Abantwana bethu!

104 Nalonyaka wamabhungu namatshitshi wombhedo nomculo wokuzibinya, nezinto esedlula kuzo, nazo zonke lezi lapha amaBeatles nezilwanyakazane, futhi niyazi yini ukuthi konke kumelwe lapha eNcwadini, yeBhayibheli na? Iyakusho lokho eSambulweni. Impela, iyakusho. Kanjani abantu, bona, ba—ba...bona, bona, niyabo, bona, abasiwo...Bafile. Ngeke bakwazi ukuvuka. Babengekho neze Phakade. Babengekho ngisho nasekuCabangeni, ngakho bayobhubha. Bayophela ingunaphakade, bashabalaliswe nya. Bayojeziswa isikhathi esiyiminyakanyaka, ngalokho abakwenzile, kodwa noma yini enesiqalo inesiphelo.

105 Yilokho okungenasiqalo, okungenasiphelo. Sinye kuphela isimo sokuPhila okuPhakade. Isimo esisodwa sokuPhila okuPhakade, silwela lokho. Qaphelani.

106 UJoshuwa, isahluko 2 sikaJoshuwa, isifebe esikholwayo sabeZizwe sasizwile, nomndeni waso, sabaletha phansi kwentambo ebomvu, okwakuwuphawu oluvela ezithunyweni zikaJoshuwa. INgelosi kaNkulunkulu ebhubhisayo yaluhlonipha lolophawu, futhi lolo kuphela, kulowomuzi. Kwakukhona isidingakalo sikaNkulunkulu, ngezinceku zaKhe, ukuthi uNkulunkulu wayedinga loluphawu, futhi kwakuyilona kuphela. Angikhathali uma kwakuyimeya yedolobha, uma kwakungumuntu ongcwele kunabo bonke edolobheni, uma babesonta ebandleni elikhulu kunawo onke edolobheni, yonke into edolobheni yawa ngaphandle kwaleyondlu. UNkulunkulu, yedwa qhwaba, waluhlonipha lolophawu.

107 Qaphelani, iJeriko lalizwile ukuthi uNkulunkulu wayenza izinto ezinkulu, kodwa abasithathanga isexwayiso.

108 Banjalo nabantu namhlanje bezwa ukuthi uNkulunkulu ubenzani eminyakeni embalwa edlule, kodwa ngeke bakunake. Lamandla amakhulu omusa nesibonakaliso, njengoba Ethembisa, "njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo." Wethembisa kanjani ukuthi leyonto iyoba njalo! Bhekisisisani ukuthi kwenzekeni eSodoma. Khumbulani, kwakukhona isibonakaliso saseSodoma. Kodwa isithunywa, sikaMalaki 4, ngesoku "thola izinhliziyo zabantu zibuyele kobaba, obaba bepentekoste, babuyele eBhayibhelini." Ngeke lisabakhona iBhayibheli, eny'into. Lesi yisambulo sonke sikaNkulunkulu.

109 Futhi omunye uthi, "Awu, ngikholwa *le* ngxenye, angazi ngaLeyo."

110 Isithunywa sangempela sikaNkulunkulu sikushintsha sikubuyisele eNtweni yonke! Niyabo? Qaphelani, yilokho uMoya oNgcwele okwenzayo, ukubuyisela kulolonke iZwi likaNkulunkulu.

111 Umusa waKhe wawukade ukhonjisiwe, ukwahlulela kwaKhe kwakulandela. Bangahle ukuba bakholwa ukuthi babephephile ezindlini zabo ezinkulu zamahlelo ababenazo lapho eJeriko, kodwa bathola ukuthi akusebenzanga.

112 Kusho ukuthi babekade bekhona abanye be. . .mhlawumbe abangena lapho ngenye indlela, kwakukhona abafana abathi ababebabili abangena lapho, futhi batshelwa ukuba baqoqele ndawonye yonke inzalo eyamiselwa ngaphambili. Futhi wathola. . .futhi sasebenzisa indlu yaso yaba yindlu yokukhonzela, futhi semukela izithunywa; sase-ke sibafaka bonke edolobheni lakubo, ababezokholwa, phansi kophawu.

113 Owesifazane oyedwa kuyoyonke leyondlela enkulu yokuphatha! Owesifazane omncane oyedwa, naye engonegama elibi, mhlampe esaxoshwa kuwo onke amabandla edolobheni, kodwa wasikholwa lesosithunywa. Nalesosithunywa sashiya uphawu, isibonakaliso, noNkulunkulu waluhlonipha uphawu. Kunjalo nanamhlanje. Khumbulani nje, ngenkathi kufika umbhubhisi onolaka kaNkulunkulu, leyonqubo enkulu yawa, uphawu lwagcina indlu yakubo iphephile. Hhayi ngoba wayengowesifazane olungileyo; ngoba wayenokukholwa futhi wabheca uphawu.

114 Manje ukuba-ke wathi, "Yebo, lawo bekuyindoda ekahle, impela ngiwujabulele umlayezo abawunikezile. Kodwa, qiniso, uzwakala nje uthi ukuba wuhlobo oluwubuwula ukuba naleyontambo ilengela ngaphandle efasiteleni lami. Ngizovele nje ngiyidonsele ngaphakathi." Yayizowa. Yayizowa. UNkulunkulu wahlonipha uphawu kuphela, kuyafana njengophawu lokuphila oluseGibithe.

115 UJoshuwa wayewumfanekiso kaJesu, ngoba ukuthi *Joshuwa* kuchaza ukuthi "Jehova-msindisi." Wayengumfanekiso kaJesu, wayeneqiniso esibonakalisweni sophawu lwesithunywa sakhe esasisishumayelile. UJoshuwa wahlala eneqiniso kulesosibonakaliso sophawu. Wonke owayengaphansi kwaso wasindiswa, eGibithe. Wonke ophansi kwaso wasindiswa, eJeriko.

116 IGazi leWundlu lingumfanekiso namhlanje woPhawu, ukuthi uMoya oNgcwele uwuPhawu lwanamhlanje. Wonke ophansi kwaWo uphephile. Wonke ongekho phansi kwaWo akaphephile. KumaHeberu 13:10 nelama 20, Ubizwa nge "sivumelwano esimiyo njalo." Isivumelwano esidala sasiyinto eyodwa, lesi ngeSisha, lesi yisi "vumelwano esimiyo njalo."

117 IGazi likaNkulunkulu eliboshwe yisithembiso liyasikhulula esonweni nasehlazweni, futhi sehlukile ezweni lonke. Awudingi

ukuba ugqoke ngokwehlukile; wonke umuntu angagqoka ngokwehlukile. Ufanele, ngaphakathi, wehluke. UkuPhila kungaphakathi; hhayi ukugqoka, ukwembatha. "UMbuso kaNkulunkulu awusikho ukudla nokuphuza, noma ukwembatha izingubo ezicwebezelayo; kodwa ungukubekezela, ubuvi, ububele, ukukhuthazela, kuMoya oNgcwele."

118 Manje, izithembiso siyakhulula esonweni, sikhombisa ukuthi uNkulunkulu akasi—akasikhumbulanga isono sakho. UDavide wathi, "Ubusisiwe umuntu uNkulunkulu angayikumbalela isono." Futhi uNkulunkulu akasoze asibalela isono phezu kwaloloPhawu, ngoba uPhawu luyisibonakaliso esikhokhelwe uNkulunkulu asevele usemukelile. Futhi unophawu lwaso, i pri-. . .ukukholwa kwakho kusithengile. Futhi unenani lokuthenga ukuhlengwa kwakho emzimbeni wakho, ukuMkhonza nokukhombisa izithembiso zaKhe namandla.

119 I *Testamente eLisha* lichaza "isivumelwano esisha." I *Gazi* lichaza uku "Phila." ITestamente eLisha liyitestamente likaMoya oNgcwele, uMoya oNgcwele unikeza ubufakazi balokho uJesu Kristu akuvuse kwabafileyo, kwakukhombisa ukuthi uJesu wayesehlangabezane nazozonke izidingakalo ngathi, futhi uyaphila namhlanje. UPhawu lufakazisa ukuthi Uyaphila ukuba Azibandakanye nathi, ngokwesithembiso saKhe. Manje umuntu angalifunda kanjani iBhayibheli futhi abone ukuthi Wakwethembisa, futhi ebona uKristu ebuya ngalezizinsuku zokugcina ngesimo sikaMoya oNgcwele futhi Azibandakanye ngokuzikhomba ephila na? Lolo wuPhawu. Leso yisibonakaliso. Lelo yinani elikhokhiwe.

120 Ungakwenzi, ungalokothi neze wethembele emadlingozini athile. "Ngizwe ukugodola kwehla ngomhlane wami. Futhi—futhi ngi—ngihogele okuthize; ngabona igazi elithize ezandleni zami, noma amafutha athize. Noma—noma, ngizuze iziQu zami zeBashela. Noma, ngisine eMoyeni. Ngamemeza. Ngakhuluma ngezilimi." Lezozinto zingahle ukuba zilungile. Angimelene ngalutho nazo, kodwa lokho akusikho engikhuluma ngakho.

121 Ngikhuluma ngenkomba yoPhawu, uJesu Kristu, wavuka futhi ukithi manje, Ezikhomba yena uqobo, ukuba aphinde aqinisekise iZwi laKhe elithenjisiwe lalolusuku. Amen. Manje-ke wena noKristu nimunye. UNkulunkulu noKristu bamunye. "Lolosuku, niyokwazi ukuthi Mina ngikuBaba, uBaba ukiMi; naMi ngikini, nani nikiMi." Nango uNkulunkulu ezibonakalisa enyameni yomuntu, Ezikhombisa yena ephila, emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili. Lolo wuPhawu.

122 Uma ningekho phakathi, ngenani masinya ngempela, bangane. Singahle ukuba isikhathi sesedlule kakhulu ingunaphakade. Asazi.

123 Uveza uBukhona baKhe, iTestamente eLisha, iGazi. Futhi Liyaphila manje, lenza iziqinisekiso. Futhi ngoba Ukhona, sinelungelo lakho konke Asithengele khona. Owesilisa onombhaphathizo kaMoya oNgcwele, noma owesifazane onombhaphathizo kaMoya oNgcwele, unelungelo kukho konke uJesu asithengele khona, ngokuba leso yisibonakaliso esinaso. Lawo ngamandla okuthenga.

124 Ake sithi isibonelo nje wena uthi, "Awu, Mfowethu Branham, uchaza uk'thini na?"

125 Lapha, ngikwenza kucace manje, futhi ngifuna nina bantu abagulayo ukuba nikuthole lokhu. Bukani, ukuba bengifa yindlala, futhi ngiwazi ulofu wesinkwa, ake sithi, ubiza uthubhobho nozuka, bese kufika umfowethu bese ethi, "Nanku uthubhobho nozuka, Mfowethu Branham. Uyafa yindlala; thatha lothubhobho nozuka." Manje, uyazi, ngingajabula impela nje ngalowothubhobho nozuka esandleni sami njengoba ngingakwenza ngesinkwa esandleni sami, ngoba nginalo inani lokuthenga. Nginophawu oluthenga isinkwa. Futhi khona lapho kukhona isinkwa; futhi into kuphela, ngibambe uphawu, uthubhobho nozuka othenga isinkwa, ngingajabula impela nje ngophawu njengoba ngingenza ngesinkwa.

126 Manje, uma unombhaphathizo kaMoya oNgcwele, lolo wuPhawu lokuthi unayo yonke into enokuhlengeka uJesu ayifelayo, ingeyakho, isesandleni sakho. Uyesaba ukuyibiza ngeyakho na?

127 Uma ngiyifaka ephaketheni lami, bese ngithi, "Awu, angazi noma ngingasithenga lesosinkwa noma qha," ngiyofa yindlala. Kodwa khumbulani, umhwebi uthi, "Nginesidingakalo esisodwa, Mnu. Branham. Owodwa uthubhobho nozuka, ungawuthola ulofu wesinkwa." Nginawo! Amen. Lokho kuqeda konke.

128 Yingalesosizathu singaboni izinto eziningi kakhulu zenziwa namhlanje, uPhawu aluveziwe obala, uPhawu lwangempela. O, sinazo zonke izinhlobo zezinto eziyizo-mbumbulu, kodwa ngiqonde uPhawu lwangempela.

129 Bukani, manje-ke uma siqonda futhi siluveze uPhawu, ukuPhila okwathathelwa uPhawu, iGazi liyasikhulumela. Khumbulani, iGazi lesivumelwano lalivunywa noPhawu, neZwi liyasiqinisekisa ngesithembiso. UPhawu luyisibonakaliso ukuthi ukuthenga kwenzelwe thina.

130 Manje, uma ungafakiwe wena kulokho, awu, kusobala, awusoze wathola lutho; uhamba nje udabule emgqeni womkhuleko, uhambe uyophuma ngemuva; uhambe wenyukele ealtare, futhi ubuke phezulu, uhambe uyophuma ngemuva.

131 Kodwa, o, mfowethu, uma loloPhawu luke lwafakwa enhliziyweni yakho—yakho—yakho, futhi uyazi ukuthi ngukuvuka kukaJesu Kristu kuwe, kukhona okwenzekayo.

Akukho lutho oluzokujikisa. Uyazi ukuthi ungowakuphi. Ukulithobela ngokugcwele lonke iZwi likaNkulunkulu kukunika imvume oPhawini, futhi lutho olunye. "Ubusisiwe oyenza yonke imiYalo yaKhe, angaba nelungelo eMthini wokuPhila."

132 Manje-ke, uma sikhuleka, sifanele sibe noPhawu ukuba siluveze kanye nemikhuleko yethu. Manje ningehluleki ukukuthola lokho. Uma nikhuleka, nifanele nibe noPhawu ukuba nilubambe phezu komkhuleko wenu; uma ningakwenzi, khulekani kuze kufike uPhawu, ngoba anethenjiswanga ukuwamukela. Niyabo, ufanele ube naloluPhawu kuqala; lelo yinani elikhokhayo, ukukholwa kwakho ukukukholwa.

133 Manje, isibonakaliso sokuthoba okugcwele. Ukwesaba akusekho. UPawulu usitshela ukuthi, "iGazi likhuluma okukhulu."

Wena uthi, "IGazi liyakhuluma?" Yebo, iGazi liyakhuluma.

134 KuGenesisi 4:10, siyathola ukuthi uNkulunkulu washo ukuthi—ukuthi elikaKayini . . . noma, "Igazi lika-Abela lakhuluma lisemhlabathini." Siyathola kumaHeberu 12, ukuthi, "IGazi lesivumelwano sikaKristu likhuluma okukhulu kunelika-Abela." Niyabo? Siyathola, iGazi liyakhuluma, Likhulumela wena. UkuPhila okukuwe kukhuluma kuseGazini elichithiwe. Amen. O, mfowethu! Ngifisa sengathi wonk'umuntu ubengakubona lokho. Niyabo? Uma ningabona ukuthi kuyini, ngukuPhila okukuwe. Niyabo, leloGazi likubandakanya naLo. WuPhawu. I . . . Okuyikho, iGazi lachithelwa wena; wemukele, nokuPhila kungene kuwe. UnoPhawu, lowo nguMoya oNgcwele.

135 Manje-ke uma sikhuleka, sifanele sibe noPhawu ukuba siluveze nemikhuleko yethu, njengoba ngishilo, futhi manje sikholwe ngokwethu futhi sibhece uPhawu emndenini wonke, njengaseGibithe, eJeriko, kumbe noma eZenzweni 16:31. Sithola ukuthi uPawulu watshela induna yekhulu engumRoma, uthi, "Kholwa wena, nayo yonke indlu yakho iyakusindiswa." Lubhece emndenini wakho. Uma unomntwana ongasindisiwe, beka uPhawu phezu kwakhe ngqo, uthi, "Nkosi Nkulunkulu, ngiyambiza ungowami." Hlala khona lapho. Uma unomama noma othandekayo olahlekile, beka loloPhawu phezu kwabo, uthi, "Nkosi Nkulunkulu, ngiyakubiza ngokwami."

136 Khipha, okwayo yonke imfucumfucu yokwezwe, kuphume endlini yakho, Lulungisele. Shisa izikhindi zakho. Lahla amatafula akho amakhadi. Yeka osikilidi bakho. Thululela ukungakholwa kwakho namaphepha ebandla lakho ekanini lemfucumfucu, lapho kungokwakhona. Amen. Khona-ke uyazilungiselela. Bese wenzani-ke na? Bese-ke ubheca uPhawu ngomkhuleko, ngobufakazi obubonakalayo ngempela, ukukholwa kwangempela. Lubhece, Lubhece ngethemba. Uma

ubheca uPhawu, wazi ukuthi uhlanziwe. "Uma izinhliziyo zethu zingasilahli, khona-ke sinesicelo sethu."

137 Inqobo nje uma ninabantu nisenza lezozinto okungalungile, nizomcela kanjani uNkulunkulu ukuba anenzele noma yini uma nazi ukuthi nisephutheni na? Yingalesosizathu sidiyazela nje senyuka futhi sidiyazela sehla. Angikusho lokhu ukuthi ngilimaze. Ngisho lokhu ukuqondisa, ukuthola izinto ziqonde. Nizokwakha kanjani phezu kwamalahle aseSodoma neGomora na? Buyani!

138 Izinhlangano zobudlelwano nabefundisi bavumele abantu benze noma yini, futhi bazedlulele nje, futhi nje bafake igama labo encwadini futhi bababize nga *lokhu, lokho,* no *kunye*, kanti kuyihlazo. Futhi sekufike lapho khona ukuthi ukukholwa kuyinto engesiyo ngisho . . . kumbalwa impela ukuba bake bazi ngisho nokuthi ngisho kuyini. Bona, banethemba, kodwa hhayi ukukholwa.

139 Ufanele ubuyele emuva, kukho, yonke into isikanyiwe futhi yahlanzwa. Khona-ke thatha uPhawu lwakho, ukuthi uyazi ukuthi nguJesu Kristu kuwe, khona-ke Lubhece. Uma kungenzeki okuthize, kukhona okungalungile; buyela emuva futhi, unento engalungile esandleni sakho. Wakwethembisa. NguYe owakwethembisayo. Lubhece. Funda kwabase-Efesu 2:12, ngesinye isikhathi, uma u—uma ufisa, futhi uzothola lapho.

140 Qaphelani kumaHeberu 9:11, futhi. UPawulu wathi, "Nikhonze uNkulunkulu ophilayo, ngamazwi aphilayo." Kungesikho ukusho njengoba bengingenyuka njengoba umHeberu wayevamise ukukwenza, ukuthatha umhlatshelo wakhe, bese ehla ngomgwaqo, nenkulu inkabi enonile, bese ebeka izandla zakhe phezu kwayo bese ezibandakanya yena uqobo, futhi achithe igazi, abuyele emuva elungisisiwe. UJehova wayelidinga. Wakwenza. Bese kuba yisizukulwane esilandelayo, mhlawumbe babethi ukugodola kancane; omunye umuntu, athi ukugodola kancane. Into yokuqala niyazi, kuphenduka kube yisiko lomndeni.

141 Yilokho ipentekoste ephenduke yaba yikho kithina, isiko lomndeni. Siyehla, sithi, "Besingesihle yini lesosithombe setelevishini kulobubusuku na? Angazi ukuthi ingabe benzeni ezansi ebandleni? INkosi uJesu, iphilisa . . ." O, bakithi! Niyabo? Elomndeni i itradi- . . . "Uyazi, ngakhuluma ngezilimi ngoluny'usuku. Ngingowa *lokhu,* noma *lokho,* uyazi. Ehhe." O, yisiko lomndeni!

142 Niyazi ukuthi uNkulunkulu wathini na? UNkulunkulu wathi, "Amanoni enu nezinqama kuyanuka ekhaleni lami. Kunjalo, imihlatshelo yenu usuphenduka iphunga."

143 Futhi ibe kanjalo nemihlatshelo yamaPentecostal, nakho konke okwamahlelo ethu okusikiweyo nokuqhutshwayo, nabesifazane bakithi nowesilisa benza ngendlela abenza

ngayo, isimo sokumesaba uNkulunkulu; bakhe umnyuziki, futhi omunye agxume phansi-na-phezulu isikhashana; futhi kundawo zonke, njengebhakede lamanzi liphoswe kuwo, uma iZwi likaNkulunkulu kwenzeka livela futhi lisho okuthize. Yin'indaba na? Imihlatshelo yenu iqala ukunuka phambi kukaJehova.

144 Futhi kwakungalesosikhathi lapho uIsaya eza khona esigcawini, futhi wabatshela, "Ngiyoninika isibonakaliso esimiyo njalo, intombi iyokhulelwa." Niyabo, nakho lapho okhona. Akusizo izimo ezifile nezivumokholo, qhabo; kodwa amazwi aphilayo, uNkulunkulu ophilayo ovukile kwabafileyo, futhi uyaphila phakathi kwethu.

145 Abanye babo, lamabandla anjalo, elikholwa yilezizinto, ayaphika ukuthi ikhona into okuthiwa wuPhawu. Awu, umfo wazama ukungitshela, "Abaphostoli abayishumi nambili kuphela abemukela uMoya oNgcwele. Yilokho kuphela okwakukhona. Yebo." O!

146 Kodwa thina esikholwa yiZwi, sazi okwehlukile, siyazi ukuthi lobu nguBukhona obuphilayo. Ngokuba sazi kanjani ukuthi nguBukhona bukaKristu obuphilayo, uMoya ophakathi kwethu na? Benza into efanayo naYenzayo. Lobo ngubufakazi obubonakalayo babo. Umvini waziwa ngesithelo osithelayo. Bese kuthi-ke uma lowomvini wokuqala uvela futhi babhala iNcwadi yeZenzo emva kwakho, nento efanayo neyenziwe nguJesu, abaphostoli bayenzile; manje-ke uma lowomvini uphinda uvela, wenza into efanayo. Niyabo, amaHeberu 13:8 athi Usenguye, o, he, kufakazela ukuthi uNkulunkulu uMvusele thina, ngokweZwi laKhe elithenjisiwe. [Akuqoshwanga eteyipini?—Umhl.]

147 Uphawu lwesithembiso! Kwabase-Efesu 4:30 kuthi, "Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, enibekwe uphawu ngaye kuze kube lusuku lokuhlengwa kwenu." Hhayi kuze kube yimvuselelo elandelayo. "Kuze kube lusuku lokuhlengwa kwenu!" Ngokubhaphathizelwa kuWo, ngokwabaseKorinte bokuQala 12. Futhi kuYe ngukugcwala, futhi akukho-sono esikhunjulwayo kuYe. "Ozelwe nguNkulunkulu, akenzi isono. Imbewu kaNkulunkulu ihlala kuye, futhi akanakona." Angona kanjani, uPhawu lulapho na? UPhawu luyisibonakaliso asemukelile.

148 Futhi, awu, wena uthi, "Ngiyona." Awu, awukaze-ke ube noPhawu. Niyabo?

149 UPhawu luyisibiyo, lukhombisa ukuthi inani likhokhiwe. Uma uSathane ezama ukukunika sona . . . Vele nje ucabange ngalokhu. Uma uSathane ezama ukukunika ukugula okuthize, noma ezama ukukunika okuthize, uyazi ukuthi kufanele wenzeni? Mkhombise uPhawu. Impela, ukugula kushaya umKristu. Mkhombise uPhawu, futhi ufakazise kuye ukuthi

wena ungumkhiqizo kaNkulunkulu osuthengiwe. "Nimelane nodeveli, khona uyakunibalekela." Bambani uPhawu lwenu lube phezu kokukholwa kwenu okungagudluki eZwini laKhe elithenjisiweyo.

150 UNkulunkulu wake wanikeza isibonakaliso sothingo lwenkosikazi lwaba wuphawu. Sengiyavala. Wanikeza isibonakaliso sothingo lwenkosikazi lwaba wuphawu. Ngisenemizuzu cishe nje eyishumi, bese-ke ngiba nomugqa womkhuleko. Wayehlala njalo eneqiniso kulolophawu. Wayenjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Usakwenza namanje. Zonke lezizinkulungwane zeminyaka, Akakaze nakanye, nangesikhathi esisodwa, ehluleke ukukuveza obala. Wayeneqiniso kulolophawu, kusikhombisa ukuthi Uhlala njalo . . . futhi akasoze ehluleka ukuhlonipha izimpawu zaKhe. Angikhathali noma ku . . .

151 Uma uJesu engafiki eminyakeni eyizinkulungwane eziyishumi, wena unoPhawu, Usazolokhu eLuhlonipha. Akunandaba ukuthi yizinto ezingaki eziguqukayo, nokuthi yini okunye, Uzofanele aluhloniphe loloPhawu. Wathi Uyoluhlonipha. Kulungile. Ubheke thina manje ukuba siluveze obala uPhawu lwaKhe, phezu kokukholwa kwethu esikuphiwe nguNkulunkulu, kuzozonke izinkoloze ezingakholwayo esizweni nasezweni, ekholwa ukuthi izibonakaliso nezimangaliso aziwalandeli amakholwa. Futhi yiba neqiniso kuloluPhawu, futhi Lukhombisa ukuthi imali yokugibela ikhokhiwe futhi semukeliwe ekuvukeni, sinokuPhila koPhawu ngaphakathi kithi.

152 Lowo nguMlayezo osikayo, kodwa uyiQiniso. Yilokho esikudingayo, yiQiniso. Nkulunkulu sisize ukuba sazi iQiniso. "Niyakulazi iQiniso, neQiniso liyakunikhulula." Ngiyasho ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu unikana uMoya oNgcwele njengoPhawu, khona manje, ngaphambi nje kophumo, lo—loMlobokazi ephuma ebandleni.

153 Ngikholwa ukuthi kunomningi umbhedo, nabantu bethi bamemeza, bakhuluma ngezilimi. Ngiyakholelwa kulezozinto; kodwa ngeke wethembela kulokho. Ungethembela kanjani kulokho, bese-ke uphika iZwi na? Niyabo?

154 UPhawu luyiZwi likhonjwe kuwe. Liziphilela lona ngaphandle. Lowo nguNkulunkulu engumhumushi waKhe Yena. Awudingi ukuba uthi, "Awu, manje, uhumusha ulimi lami." Akusikho lokho. Uhumusha ukuphila kwakho ngeZwi. Uma Ethatha izwi lakho, lokho oyikho wena, bese ekhomba iZwi laKhe lapho, lapho akudingi kuhunyushwa, sekuvele kulapho. UNkulunkulu wenza ukuhumusha kwaKhe Yena, futhi sibenazo lezizithembiso zosuku.

155 O, Dallas, nina sigejane samaKristu athandekayo, ningathatheki yilento namhlanje, eniyibona ihambahamba, ngoba izobhubha. Dlalani loloPhawu njalo, vezani obala loloPhawu. Fundani iBhayibheli. Khuphukelani kuyo yonke into. Futhi uma umoya wakho kuwe ungasho ukuthi "amen" kuLokho, khona-ke kungcono ubuye, ukushintshe lokho onakho, ngoPhawu; awunaLo.

156 Ngiyazi lokho kuyinqwaba eningi ukuba kungashiwo lapha ngentambama eyodwa. Futhi njengamanje seligamenxe elesine. Sekuyisikhathi manje, futhi uma singaphuma ngelesihlanu nqo ngomugqa womkhuleko.

157 Niyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyaphila futhi uyabusa namhlanje na? [Ibandla, "Amen."—Umhl.] Niyakholwa ukuthi enginitshele khona bekuyiQiniso na? ["Amen."] WuPhawu, isidingakalo. Ngingakhuluma kuphela lokho okuyiQiniso. Ngikhuluma kuphela lokho engikubonayo, engikuzwayo, okwembulwe kimi. Futhi yingani ngisho lokhu; ezikhathini ezingamashumi ezinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane, akukaze nakanye kuke kwehluleke ukuthi kuyiqiniso. Manje lowo kufanele kube nguNkulunkulu. Lowo kufanele kube nguNkulunkulu. Awu, uNkulunkulu ubenganikeza inkonzo enjalo kumuntu obengazi ukuthi bebekhuluma ngani na? ["Qhabo."] Ubengazikhomba Yena uqobo njengalowomboni lapho, bese-ke eyajika futhi amnike iZwi elixoviwe na? ["Qhabo."] Umfo oLiphikayo, yilowo oxovekile. Futhi uNkulunkulu akaxovekile. UNkulunkulu ungumhumushi waKhe Yena.

158 Yemukelani uPhawu! Ningaphumuli ekujoyineni noma yiliphi ibandla kumbe noma izinqubo, noma yini. Thathani uPhawu! Lubambeni. Luyiyonanto kuphela uNkulunkulu ayazisayo. Uma sewehlela kulelohora, uma sekufika ekufeni kwakho, kungcono ubambe loloPhawu phezu kwakho; wazi ukuthi ngosuku lokufika kwaKhe, lokho kuvuka, ngingaluveza loloPhawu. Lungeke lube kulomzimba, ubole wonke; kodwa kuloMoya, ongeke ufe, ngukuPhila okuPhakade, uPhawu luphumula lapho. Futhi Wethembisa, "Ngiyakumvusa futhi ngomuhla wokuphela."

159 LowoJesu Kristu ofanayo ulapha. UyisiThunywa. Uyiso. . . *Nasi*, uMlayezo, futhi UyisiThunywa lapha ukukhomba uMlayezo waKhe. Angisiso isiThunywa. UyisiThunywa, futhi *Lona* nguMlayezo. Futhi uma unomoya ophikisana na *Lokho*, kungaba kanjani yisiThunywa soMlayezo na? WuPhawu kuphela oluzowuKhomba. Amen.

160 Ngizizwa ngigcwala ukukholwa. Ngikuzwa ngempela. Ngizizwa kuthi angisuke ngindize khona manje, ngokuba ngiyaMazi engikholiwe nguye, futhi ngiyibonile impilo yami ibandakanywa naYe ekuvukeni kwaKhe. UBukhona baKhe

bulapha. Bemukeleni, bangane, sizani nikwenze, phansi enhliziyweni yenu.

161 Ngiyazi sonke siyenyuka sizungeze ialtare sikhuleke. Lowo ngumqondo omdala wamaMethodisti. Abazange bakwenze lokho eBhayibhelini. IBhayibheli lathi, "Abaningi abakholwayo wabhaphathizwa." Kunjalo. Ayikho into okuthiwa ngukubizela ealtare eBhayibhelini. Leyo yinto ethize esayenezela, elungile. Noma yini uNkulunkulu ayibusisayo, ilungile.

162 Njengoba begcoba izindwangu. Yayingekho neze into enjalo eBhayibhelini. "Bathatha amaduku nezindwangu emzimbeni kaPawulu."

163 Kodwa noma yiyiphi indlela ofuna ukukwenza ngayo, ilungile, esihlalweni sakho, ealtare, noma ngabe kukuphi. Into kuphela, bheca Lokho, uPhawu kuwe. Bese-ke uzibuka yonke indawo, bese ubuka ukuthi nhloboni yokuphila eyenzakayo, ubone ukuthi Lubheciwe noma qha. Uma Lungabheciwe, khona-ke beka noma yini onayo, eceleni, bese uyabuya, kuze kubhecwe uPhawu.

164 Asikhuleke. Baba waseZulwini, mhlawumbe ngi—ngi—ngikhulume ngokungacabangi, kodwa, Nkosi, sizobambelela kanjani isipikili uma ungasigobisi na? Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi sizobambelela enhliziyweni yabantu, ukuthi bazobona ukuthi akusiyo into ekhuluphele enephika. Akusikho ukuthi ngizama ukukhomba eny'inhlangano, esinye isizwe sasigodi-sinye, eny'inkoloze, omuny'umuntu, noma uqobo lwami, kumbe noma ubani omunye umuntu. NguJesu Kristu. "Ngizoziphosa ndawonye zonke lezozinhlangano," ziyisithupha sedazini elilodwa nohhafu kwenye, ngokweZwi laKho. "Umama oyisifebekazi esidala," iBhayibheli eSambulweni 17, "sasingunina wazo zonke izifebe." Futhi zazingeke zibe yisilisa. Zaziyizifebe, futhi zonke zaya embhedeni wokwezwe. Futhi siyabona ukuthi ikwenzile, amaPentecostal nazozonke.

165 Kodwa, Jesu, Wena uselokhu unguJesu. Mabangawulaleli umlayezo webandla; kodwa uMlayezo kaKristu, iZwi. Kwangathi Ungazibandakanya Wena uqobo, Nkosi, namhlanje, namakholwa. Philisa abagulayo. Thethelela izono zethu, Nkosi. Ngi—ngiyakhuleka, njengenceku yaKho, ngisize uthethelele izono zami, futhi uthethelele izono zalababantu. Ngiyethemba, Nkosi. Ngamunye wabo akungabazeki ukuthi usizile eminikelweni, ukukhokhela i—izindlu, futhi bachithe imali yabo, futhi be—be—benze konke, Nkosi. O Nkulunkulu, ngiyakhuleka ukuthi akuzukubakhona noyedwa wabo okugejayo, Nkosi. Kwangathi kungaba yibo bonke.

166 Nge—ngenza lokho ngobuqotho, kepha nokho, Nkosi, ufanele uqine nqi. Siyazi, ukuqondisa kuluthando. Uthando luyaqondisa. Futhi ngiyakhuleka. Ngokuba yingalesosizathu

Wena waqondisa abantu baKho, kwakuyingoba Wawubathanda, naso sonke isono kufanele kuphendulwe ngaso.

167 Futhi, Baba, ngikhulekela ukuthi Uzothethelela izono zethu manje, njengoba sizivuma. Kade sizulazula kude le, Nkosi. Ngibandakanywa nalababantu bamaPentecostal, Nkosi. Ngi—ngingomunye wabo. Futhi ngi—ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzosithethelela sonke. Futhi thatha abanye balababaholi bese ubajikisa, futhi—futhi ubavumele babheke ngaseKalvari lapho kanye, futhi khona-ke bazokhohlwa yilokho akade beyikho, igosa, noma umbhishobhi, kumbe noma kungahle kube yini, futhi sazi ukuthi asisibo abakhulu kuloMbuso. Sonke singabantwana bakaNkulunkulu. Ngikhulekela ukuthi Uzosisiza manje. Zikhombe Wena uqobo phakathi kwethu, namhlanje. Sicela eGameni likaJesu Kristu. Amen.

168 Manje ngaphambi nje kokuba siqale umugqa womkhuleko, kungahle kubekhona umuntu lapha ongakaze abe lapha ngaphambili. Angikwazi ukuthi ungubani, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Uma ngikhulume iQiniso, uNkulunkulu akalikhombe, ukuthi ngabe kuyiQiniso noma qha, lobo ngubufakazi balo. Uma Evukile kwabafileyo, Usenguye izolo, namuhla, naphakade. Wathi kuJohane 14:12, "Okholwayo," hhayi ozenzisayo. "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza." Kunjalo na?

169 Omunye wathi, "'Emikhulu kunayo uyakuyenza.'" Kunjalo. Wathi, "Awu, sishumayela iVangeli, lokho kukhulu kunayo."

170 Ukwenza nje izinto Azenzile, lokho kuzokufakazela kimi, niyabo, khona-ke sizokhuluma ngokukhulu kunayo. Nginganikhombisa izinto ezinkulu kunezinye Azenzayo manje kunalezo Azenzayo ngenkathi Esemhlabeni, futhi lokho akusikho nje ukushumayela iVangeli, futhi; lokho kusezibonakalisweni nezimangaliso. Akusiso isikhathi sakho. Kholwani nje. Futhi kwangathi uNkulunkulu waseZulwini, Owavusa uJesu Kristu kwabafileyo, futhi waMethula lapha ephila, kithi, emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, akhombe loMlayezo, ukuthi Uqinisile. UPhawu lufanele lubhecwe.

171 Manje, wena onezifo nezinkathazo, khuleka, ngobuqotho nje uthi, "Nkosi, ngiyakholwa ukuthi Ungu 'mPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu.' Futhi siyatshelwa yilomfundisi lapha, ukuthi Wena unathi, ukhona, manje-ke ngifuna Wena ukuba ubekhona kanye nathi futhi uzikhombe Wena uqobo." Manje khulekani, nonke.

172 Manje sekukuNkulunkulu ukusho okuthize. Isikhathi esinje pho! O, he! Ngifisa sengathi nje beningazi okuthize, ukuthi nizizwa kanjani uma kufika Lokho, izwe lonke lingelenu. Amen. Akukho-develi ozokwenza lutho, ungumuntu osehluliwe. INkosi yami ikhona lapha. Konke kusezandleni zethu. Amen.

Sizani nithule cwaka. Ningahambi. Hlalani nithule.

173 Nina enisezihlalweni ezinamasondo, nezinto, ningacabangi ukuthi aninakusizakala. Kholwani. Nina—nina, nedlule emigqeni yemikhuleko, futhi kwehlulekeka kwehlulekeka. Bekungesuye umfundisi onikhulekele, wehluleka. Ngukukholwa kwenu, futhi niqale ukucabanga ukuthi anizukwenza lutho. Kholwani.

174 Lapha, nakhu lokhu ukuKhanya lapha, phezu kwenenekazi lekhaladi elincane elihlezi emuva lapha, limi nezandla zalo ziphakeme ka *nje*. Yebo. Ubukhuleka. Yebo. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma inceku yaKhe na? Akufanele ngisho lokho, ngoba kukhubekisa abantu kakhulu impela. Ninokahle . . .

175 Nangu umlungu wesilisa, owesifazane oyikhaladi, njengoba kwakunjalo nje ngeNkosi yethu nowesifazane emthonjeni, izinhlanga ezimbili ezehlukene. Wabazisa ukuthi akukhomehluko ezinhlangeni. Imibala yethu ayihlangene ngalutho nakho. Sonke si . . . Singathekelisana ngegazi. UNkulunkulu wenza, ngagazi-linye, izizwe zonke.

176 Uphethwe yizinhlungu zekhanda, izinhlungu zekhanda ezinkulu kakhulu. Bese-ke uba nomthwalo enhliziyweni yakho, lowo ungowalowomntwana. Futhi u . . . Kucindezelekile. [Udade uthi, "Amen."—Umhl.] Kunjalo impela. Yiqiniso lelo na? ["Amen."] Kunjalo.

177 Lelinenekazi elihlezi ngale ngakuwe lapho, libonakala lizibandakanya nawe, okungumama wakho. [Udade uthi, "Amen."—Umhl.] Kunjalo. ["Akadunyiswe uNkulunkulu!"] Futhi linokuthize okungalungile kulo.

178 Uyangikholwa, nenekazi na? [Umama uthi, "Amen."—Umhl.] Uyangikholwa? Inkathazo yakho iyathunukala eceleni kuwe ngaphakathi. Kunjalo. Yicala lakho langakwesokudla elithunukalayo. Kunjalo na? Phakamisa isandla sakho, uma lokho kuqinisile. Ngeke kusakukhathaza. Uyakholwa (uma) uNkulunkulu engangitshela ukuthi ungubani na? Nkk. Lowell. ["Amen."] Kuyikho. ["Amen."] Kulungile, hamba ngendlela yakho, iNkosi uJesu ikunika isicelo sakho.

179 Khona laphaya ekugcineni kwalapho ngelinye inenekazi lekhaladi elincane elihlezi, libuka, elithi nje—nje alizidabule libe yizicucu. Lingibuka ngqo. Liyakukholwa. Lokho, aniyiboni leyoNto khona lapho ngakulo na? Liphethwe yinkathazo yenso. Kunjalo. Sekuphelile konke manje; Usekuphilisile. Amen.

180 Awukholwa ngani na? "Uma ukholwa, konke kungenzeka." Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nansi i . . . Bukani abantu abangamakhaladi! Kuphi ukukholwa kwenu, bafo abamhlophe na?

181 Nanti inenekazi lekhaladi lihlezi khona lapha, lingibuka ngqo, lithi ukuba yinenekazi elizimukile. Linenkathazo edolweni lalo. Linenkathazo nalo, linenkathazo yenhliziyo. Yebo. Futhi linobuthakathaka, nokudidizela nezinto ezinjalo, ikakhulu uma uzama ukucambalala, ukuncisheka umoya. Niyabo? Lokho kwenzeke izolo ebusuku. Khumbula, angifundi yona ingqondo yakho, kodwa ngiyazi ukuthi ubukhuleka mayelana nani. Ubufuna ukuba ubizwe mayelana nalokhu, namhlanje, futhi Usekuphendulele. Manje futhi kunzima ukuba usukume, ngoba unesifo sokuqaqamba kwamalunga omzimba. Kunjalo. Bese kuthi-ke, enye into, ukhathazwa yisisu, okuyisimilela ngaphakathi esiswini. Yiqiniso lelo. Manje uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Ngizokusho, empeleni. Kholwa, futhi uzosinda.

182 Uthini ngenkathazo *yakho* yesisu na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa enkathazweni yakho yesisu, uhlezi lapho, nawe na? Uyakukholwa na? Kulungile, khona-ke ungaba nakho ukuphiliswa kwakho esiswini sakho. Amen.

183 Ufuna ukuyeka ukubhema, lapho, nenekazi na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokwenza uyeke ukubhema na? Ubuzama isikhathi eside. Ukhathazwa yisisu, futhi; ubuzama ukuyeka osikilidi. Yilokho okwenza ukhathazwe yisisu sakho. Uzokuyeka na? Ngizikhipha ngokuzicasukela kuwe, eGameni likaJesu Kristu, ngenxa yokukholwa kwakho ukuba uMthinte.

Ngikuphosela inselelo ukuba umkholwe uNkulunkulu!

184 Nangu owesifazane omncane ehlezi lapho ekhulekela eyakhe . . . othandekayo esibhedlela, efa, wumdlavuza. Kunjalo. Ngumalume. Kunjalo. Uphakathi kokuthi u . . . Ungumkamfundisi. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke, indoda izophila.

185 Ngikuphosela inselelo ukuba ukholwe wuNkulunkulu! Yini leyo na? Inkomba, lowoJesu Kristu. Wena uthi, "Yini uKristu na?"

186 UyiZwi. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu. ULizwi waba-yinyama wakha phakathi kwethu." "IZwi libukhali kunenkemba esika-nhlangothi zombili, lahlukanisa imicabango nezizindlo zenhliziyo." Aniboni yini ukuthi iZwi lifike phakathi kwethu ngezinsuku zokugcina na? NguMoya oNgcwele uthatha iZwi likaNkulunkulu futhi ukhomba uJesu Kristu, okuluPhawu. Amen. Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

187 Bangaki onamakhadi omkhuleko na? Akuthi bonke abangaku *lolu* uhlangothi onamakhadi omkhuleko, bame kulomugqa *ngapha*. Yimani nje, bonke ongakulolohlangothi, lolohlangothi nje nime niphumele lapha esikhaleni sezihlalo. Qhabo, ngakwesokudla esikhaleni sezihlalo nje, ngiyacela, khona lapho. Bangenisi, yanini endaweni yenu. Bese kuthi-

ke uma beqeda, abanye abasukume, emva kokuba sebeqedile, bese beshintshana kanjalo nangakolunye uhlangothi. Manje wonke umuntu makahloniphe.

188 UMoya oNgcwele uwuthathe wawengamela umhlangano, ngakho kubekuningi okushiwoyo futhi kwenziwa ukufakazisa. Bangaki okholwayo ukuthi Ukhona lapha? Bangaki okholwayo ukuthi lolo wuPhawu na? Bangaki okholwayo ukuthi yiZwi na? [Ibandla liqala ukuthokoza—Umhl.] Bukani, bangaki owaziyo ukuthi iNcwadi yamaHeberu yasho, ukuthi, "IZwi likaNkulunkulu lahlulela imicabango osenhliziyweni na"? Bangaki okwaziyo lokho na? Bangaki owaziyo ukuthi leso yisizathu sokuba uJesu ahlulele imicabango osenhliziyweni yabo, ngoba WayeyiZwi na? Bangaki abakukholwayo lokho na? Bangaki okukholwayo ukuthi lokho yilokho okwakunababaprofethi na? Babeyilabo eleza kubo iZwi. Manje uma iZwi libuyela kithi, lingeke Lenze okufanayo na? Manje-ke lingakwenza kanjani iZwi elikhomba iZwi, libe nephutha ngeZwi na? O, bakithi!

Hloniphani!

189 Heyi, lelinenekazi elihlezi lapha, linokuthize enhliziyweni yalo, nalo. Kwenzekile nje ngajika ngase ngikubamba. Awusuye uNkk. Grant na? Bengingakwazi neze lokho. Kodwa wena unguNkk. Grant, ngoba ngikubona unakho. Unokwethuka okukuhluphayo. Unakho, indodana yakho inenye into ethize . . . igazi layo, kanjalo, liyaconsa. Ngikuphosela inselelo ukuba ukukholwe! Amen. UyiNkosi yesimo. UyiNkosi yokufa.

Asikhuleke.

190 Nkosi Jesu, ngenkathi uBukhona baKho busasigcoba, lapha kulendlu, futhi siyazi ukuthi lona nguMoya oNgcwele, ngiyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzophilisa wonke umuntu ofaka lamaduku.

191 Ngesinye isikhathi, siyatshelwa eBhayibhelini, ukuthi abantu baKho, khona impela emgqeni womsebenzi, wayewela uLwandle oluBomvu, nolwandle lwangena endleleni yabo, emgwaqeni wabo beya ezweni lesithembiso. UNkulunkulu wabuka phansi ngaleyoNsika yoMlilo, ngamehlo athukuthele, nolwandle lwesaba, lwahlehla, noIsrayeli waqhubeka waya ezweni lesithembiso, khona impela emgqeni womsebenzi.

192 O Nkosi Nkulunkulu, amehlo Akho mawabheke eGazini likaJesu Kristu, phansi kuloluPhawu lapha esilubambe phezu kwalamaduku namhlanje. Futhi kwangathi wonk'umuntu ofaka leli, kwangathi ukugula kungesaba, kwangathi kungahlehla bese kudedela abantu baKho bawelele esithembisweni sempilo enhle. "Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo." EGameni likaJesu Kristu, makube-njalo. Amen.

193 Bangaki abashumayeli bamaMethodisti akholwayo abalapha, abashumayeli bamaBaptisti, abashumayeli,

bamaPresbyterian, abashumayeli bamaBaptisti, iLuthela, noma amaPentecostal na? Bangaki kini abakholwa yiLokhu ukuthi kuyiQiniso na? Wozani lapha nime eduze kwami sisakhulekela abagulayo-ke. Yenyukelani lapha, nonke nina bashumayeli abakholwayo.

194 Kulungile, akulungile na? Mfowethu Grant, kulungile konke na? [UMfowethu Grant uthi, "Impela."—Umhl.] Ehhe.

195 Yehlela lapha, mfowethu. UMfowethu Grant unenkonzo yokukhulekela abagulayo. Indoda eyiqhawe, indoda elungileyo, indoda uNkulunkulu ayizwayo futhi aphendule umkhuleko wayo, uMfowethu Grant. Ngiyajabula ukumgaxa ngengalo yami namhlanje futhi ngikusho lokho, futhi umfowethu. Manje uzoba phansi lapha ekhuleka kanye nami.

196 Uma niza ngalomugqa, kube sengathi beniza phansi kwesiphambano nje. Bazalwane, yenzani umugqa oyidabuli khona lapha, khona lapha. Yenzani umugqa oyidabuli; abanye bakhuphukele lapha, abanye ezansi lapho.

197 Mfowethu Roy Borders, ukuphi na! Mfowethu Roy Borders, bengicabanga ukuthi ubekhona. [Omunye uthi, "Uzobuya masinya."]

198 Bukani lapha, kubefundisi, nizobuka! Bukani laphaya. Lokho kungenza ngizizwe ngikahle, bazalwane. Befundisi besiphambano, indoda emi phezulu lapha ukuba azibandakanye wona uqobo noMlayezo. Yini engenzeka na?

199 Manje, bukani, ningakubeki kubefundisi manje. Beze ukuba bazozibandakanya bona uqobo. Uma wedlula lapha, identi-. . . bamba uPhawu lube phambi kwakho, "Nkosi Jesu, ngizivumile izono zami. Ngokuphendula, Unginika umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Ngingumkhiqizo osuthengiwe. Isono, ukugula noma lutho olungangibamba kusukela lapha kuqhubeke. Ngihamba ngokuyikho." Bamba lokho, o, kube phambi kwakho, bese wedlula lapha, noNkulunkulu uzokuphilisa futhi uzophuma lapha uthokoza, ujabula, futhi uphile. Uyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

200 Manje umuntu ngamunye phakathi lapha, asikhothamise amakhanda ethu, bazalwane, sisendawonye. Asazi ukuthi kuzokwenzekani. Asazi nje. Akukho sizathu sanoma yimuphi umuntu ogulayo ukuba aphume kulendlu kulentambama. Bamba loloPhawu enhliziyweni yakho, yedlula kuwo lomugqa womkhuleko; lapho abefundisi, abehlukanisele izimpilo zabo e—enkonzweni, uzoma lapha, abeke izandla phezu kwenu lapho nedlula.

Wena uthi, "Ukwenzeleni lokho, Mfowethu Branham na?"

201 Ngifuna nina, wonk'umuntu, ukuba azi ukuthi nje. . . Angisuye umphilisi. Lawa indoda unalo kakhulu nje naye ilungelo lokukhulekela abagulayo njengawo wonke

omuny'umuntu. Ngokusobala, ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uzophendula imikhuleko yawo ngaphambi kokuba Aphendule owami. Ngikhathele futhi ngikhandlekile, nakho konke. Ngi— ngikholwa ukuthi Uzoyiphendula imikhuleko yawo. Futhi lapha ami phakathi kwakho ngqo, ukuba azibandakanye wona uqobo, engenamahloni ukuthatha indawo yawo. Ngiyayibonga indoda enjalo.

202 Manje, bazalwane, ngiyakwazi enikuzwayo. Nginjalo, ngingomunye kanye nani. Ngingomunye oweluke inetha kanye nani, ngaphandle lapha eTexas, ukuzama ukubamba zonke izinhlanzi uNkulunkulu azimisela ukuPhila, phandle lapho. Ngenza okungangamandla ami onke impela. Ngikanye nani, ngamapesente ayikhulululu. Ngeziny'ikhathi ngiyathetha ngimpongoloze ngenhlangano nezinto. Lokho akusho ukuthi ngimelene nawe, mfowethu. Ngiqonde ukuthi ngimelene nenqubo ezosehlukanisa ekutheni sibe ngabafowethu, ngenxa yemfundiso ethize yezenkolo. Singabafowethu ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Sibambe uPhawu olufanayo. Semukele iGazi elifanayo, ngakho asikukholwe lokho. Singahlangana Lapho (ngeke sakwenza na?), bazalwane, sonke siphansi kweGazi.

203 Manje, ngagcotshwa ukuba ngibe yiBaptisti. Mhlawumbe wena uyiMethodisti, noma iLuthela, noma iPresbyterian, iPentecostal, abakaMunye, Mbili, Mthathu, kumbe noma yini onayo, iChurch of God, noma ngabe yini. Lokho akwenzimehluko. Asikwazi ukuvumelana phezu kwalezozinto ezincane, asikhohlwe-ke yizo.

204 Into esingavumelana phezu kwayo, ukuthi uJesu Kristu uMsindisi wethu wafela izono zethu, wavuka futhi futhi usinika uPhawu. Simi lapha nemikhuleko yethu, ukubamba phezu kwalababafowethu abagulayo nodadwethu abedlula kulomugqa. Ngizokukholwa ngenhliziyo yami yonke.

205 Ngibone into yenzeka ngaso sona lesosikhathi. Amen. Ngiyazi nicabanga ukuthi ngiyahlanya, kodwa ngizizwa ngihlanya kahle. Ngethemba ukuthi nje ngingahlala ngingalendlela. Yebo, mnumzane. Ngizizwa nje ngimangalisa ngalendlela.

Asikhuleke.

206 Nkosi Jesu, ngiyahamba ngisuka kulomsamo, phansi lapha, ukuba ngizibandakanye nalababafowethu. Ngizibandakanya nabo, njengoba sonke sibambe iziMpawu zethu ezandleni zethu, nasezinhliziyweni zethu. Njengoba sithobela umyalo waKho, "ukubeka izandla phezu kwabagulayo, futhi bayosinda." Kwangathi wonke umuntu odlula lapha, baveze uPhawu lwabo, ukuthi bemukele uMoya oNgcwele, ukuthi bangumntwana kaNkulunkulu ozelwe kabusha, ukuthi bakukholwa ngenhliziyo yabo yonke. Futhi lapho bedlula, kwangathi bangaqalekisa

lesosifo nokuhlupheka komzimba wabo. Futhi kwangathi bangaphuma lapha bethokoza, bazi ukuthi ukukholwa kubaphilisile.

207 Futhi, Nkosi Nkulunkulu, njengoba sibeke, iTestamente eLidala, izandla zethu phezu komhlatshelo, ukuba sizibandakanye nomhlatshelo, sibeka izandla zethu phezu kukaJesu futhi sizibandakanya naYe. Ubeke izandla zaKhe phezu kwethu manje enkonzweni, Ezibandakanya kanye nathi, ngezibonakaliso nezimanga. Futhi sibeka izandla zethu phezu kwabagulayo, ukuba sizibandakanye kanye nabo, nokukholwa kwethu kuxhumene nabo. Ukugula kuzofanele kuhambe, futhi kwangathi kungakwenza eGameni likaJesu Kristu, njengoba sehlela lapha ukuba sikwemukele.

Lonke ibandla malikhuleke.

208 Roy noma omunye woza lapha ume ngakulombhobho, futhi ugcine umugqa uqondile.

209 Bukani, njengoba nedlula lapha manje, wozani nikholwa, wozani nikhuleka. Sizobeka izandla nje phezu kwabagulayo. Wozani nedlule ngqo. Nikhuleke. Uma nedlula umugqa walababefundisi; uma uhamba ngezinduku zokuqhugela, zibeke phansi usuke uhambe. Uma ubunomdlavuza, ukugula, uthi, "Udokotela wenze konke angakwenza, wenze konke abengakwenza, futhi uthe ngizofa. Angizukufa. Nantu uPhawu lwami, Nkosi. Ungethembise amashumi ayisikhombisa. Ngihamba ngedlula khona lapha, ngiyakwenza." Niyabo, yenzani lokho. Nizokwenza na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] EGameni likaJesu, makube-njalo. Amen.

210 Kulungile, umugqa awedlule. [UMfowethu Branham nabefundisi bakhulekela abagulayo, lapho abafowethu behola ibandla ekuculeni elithi *Kholwa Kuphela* namanye amaculo. Akuqoshwanga—Umhl.]

> Ngiyakholwa!
> Konke ukungabaza kwami kumbelwe eMthonjeni.

211 Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Amen. O, Akamangalisi na? ["Amen."] Abanye babo ubekuleyomibhede eyizinhlaka nezinhlaka, bama mpo futhi basuka bahamba; bavele nje bazishiya zilele lapho, futhi basuka bahamba. O, kungukuthi wonk'umuntu angaphiliswa manje, ozokukholwa. Niyakholwa na? ["Amen."]

212 Asinikeze indlela, *Ng'yaMthanda*, uzosinika, dade; iculo elidala, "Ngi'yaMthanda, ngi'yaMthanda ngoba..."? Sonke nje asiphakamise amaphimbo ethu, nezandla zethu, izinhliziyo zethu, kuNkulunkulu, futhi sicule, "Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda, ngoba Wangithanda kuqala." Wonk'umuntu manje.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
E Calv-. . .

213 Inenekazi, lisukumile liphume esihlalweni esinamasondo, lihamba linqamula lapha lelekelelwa indoda amabili. "Ngi . . ." Asivayizele izandla zethu kuNkulunkulu, "Ng'yaMthanda!"

Ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
KowaseKalvari . . .

AsiMdumise nje manje, wonk'umuntu!

214 Udumo kuNkulunkulu! SiKubonga kakhulu, Nkosi Jesu, ngobubele baKho, uBukhona baKho. O, siyaKubonga ngoPhawu, Nkosi. Sisindisiwe futhi sagcwaliswa ngoMoya, uMoya oNgcwele ududula imizimba yethu manje. SiKubonga kakhulu ngalokhu, Baba! O, eGameni likaJesu siyaKubonga. Amen. Amen.

215 Wonk'umuntu akaxhawule, uthi, "Ayibongwe iNkosi!" Xhawulananani, nithi, "Ayibongwe iNkosi! Ayibongwe iNkosi!" [UMfowethu Branham nebandla bayaxhawula, futhi bathi, "Ayibongwe iNkosi!"—Umhl.] Kulungile, manje, sonke kanyekanye futhi.

Ng'yaMthanda, (izandla phezulu, izinhliziyo phezulu) Ngi . . . (nje kuzwakalise kuvela enhliziyweni yakho)
Ngoba Wangithanda kuqala (Senizophuma na?)
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

216 Manje asikhothamise amakhanda ethu ngokuhlonipha ngempela, njengoba ngibuyisela inkonzo manje kuMfowethu Grant ukuba asikhulule; sinibonga nonke. Kuqala, sibonga iNkosi ngobubele baYo, isihawu saYo, nesiqiniseko engethemba ukuthi sisishiye enhliziyweni yakho, ukuthi asikho lapha sodwa. INduna yethu eNkulu iphakathi kwethu. Ukumemeza kweNkosi kusekamu. Futhi sibonga iNkosi, ukubona amandla aYo amakhulu nesihawu saYo esikhulu. Futhi manje asikhothamise amakhanda ethu ngokuhlonipha. Mfowethu Grant.

